# OKUNGAPHAKATHI










## UMBUKISO WEZOLIMO EMGUNGUNDLOVU UBE IMPUMELELO

### IKHASI 4

Lombukiso ungomunye kwemikhulu kunayo yonke e-Africa kanti uba minyaka yonke. Umbukiso wezolimo ubungoweminyaka engu 167 wasungulwa kanti uyaye ubeseMgungundlovu.

## UNGQONGQOSHE UTHUSI UDLULISELE NGOKUSEMTHETHWENI ISIKHUNGO SOKUNAKEKELA IZINGANE EZIYIZINTANDANE

### IKHASI 6

UNggqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi esiFundazweni, uNkosikazi Weziwe Thusi, usesidlulisele ngokusemthethweni emphakathini isakhiwokazi saloMnyango esakhiwe iBhange laseJalimane, esizosiza umphakathi ngezidingo zezenhlalakahle endaweni yaseDlebe, engaphansi kukaMasipala wasoLundi, kuWadi 6, muva nje.

## LIYENYUKA IZINGA LOKUTHUTHUKISA UKUSEBENZA KOMASIPALA

### IKHASI 8

Kulindeleke ukuba lenyuke izinga lokulethwa kwezidingo emiphakathini eyakhele isifundazwe saKwaZulu-Natali njengoba amaxhama ezokubambisana phakathi komnyango wezokuBusa ngokuBambisana neZindaba Zomdabu esiFundazweni esethole ukuqiniswa kakhulu kunangaphambilini.

## UMNYANGO WEZOLIMO UKHUTHAZA ABAFUYI UKUBA BENAKEKELE IMFUYO UKUZE BENZE INZUZO ENINGI

### IKHASI 12

Kusemqoka ukuthi umfuyi aqiniseke ukuthi imfuyo yakhe isesimeni esihle ngokwempilo ukuze akwazi ukwenza inzuzo enhle ngayo.

## OWEZEMFUNDO UGQUGQUZELE UKUFUNDWA KWEZINCWADI EMTAPO HIGH SCHOOL

### IKHASI 15

UMnyango weZemfundo KwaZulu-Natal ugqugquzele ukufundwa kwezincwadi (I Read A Thorn) e Mtapo High School, Kwisifunda I Pinetwon District, mhla zingu 08 ku June 2017.


## MAYELANA NALOLU SHICILELO


Ushicilelo lukaHulumeni wakwaZulu Natal olusemthethweni. I-Simama iqukethe phakathi kokunye izindaba, imibiko, nezimemezelo zaHulumeni wesiFundazwe.

**Ishicilelwa kabili ngenyanga.**

Uma unesifiso sokuthola ikhophi yakho ithunyelelwe esikhungweni sakho esifana nesikole, umtapo wolwazi, isibhedlela, ungathintana neHhovisi likaNdunankulu waKwaZulu-Natali: 033 341 3300 noma simosenkosi.chamane@kznpremier.gov.za
**Liyatholakala naku:** www.kznonline.gov.za

**Ithimba elihlanganise iphephandaba:**


**Umhleli omkhulu:**
Mahlathi Tembe

**Umhleli wamakhasi nezindaba:**
Bonga Khoza

**Abezithombe eHhovisi likaNdunankulu:**
Zandile Shange no Themba Mntyali


© KZN Provincial Government

KWAZULU-NATAL
PROVINCIAL GOVERNMENT



# INGQUNGQUTHELA ETHINTA INHLALONHLE UBUMBANO NOKUHLUMELELISWA KWEZIMILO

CUTHBERT NZUZA

UNdunankulu waKwaZulu-Natali umnu Willies Mchunu kanye nomeya weTheku umama Zandile Gumede benze inkomfa endaweni yaKwaMashu ukuzodingida futhi izovuselela inhlalonhle, ubumbano kanye nokuhlumeleliswa kwezimilo esiFundazweni. Kubahambeli singabala abezenkolo bamahlelo ahlukene, izimeya, amakhosi, abaholi bezokwelapha ngendabuko kanye nomphakathi ngokuhlukana kwezinhla zawo.

Lenkomfa inhloso yayo bekuwuza neva elizobangula lesisihlava esesiyintsakavukela esizweni sokuthi abantu sebelahlekelwe izimilo yikho isiFundazwe sesiba nohlelo lokwakha isizwe.

OkaMacingwane ubonge iSilo Goodwill Zwelithini ngokuba njengeSilo simnike umhlahlandlela namasu okuthi yena njengomholi wesiFundazwe akazame ukuqoqa abantu baso iSilo njengoba bedlebeleleka bengena ezimfundisweni ezingalungile.

ISilo naso besifisa ukubakhona kulenkomfa kodwa ngoba umsebenzi wasomkhulu sasesithumela amankonyane asatshakudula kuzwakale ukuthi aqhubeke nenkomfa, yikho neNdlunkulu KaZulu ibikhona izoba indlebe yaso iSilo kulombuthano.

Ubumbano lwesiFundazwe lungaba ubumbano oluqinile uma singezugcina ngomlomo kodwa sizokwenza futhi sibambisane.

Ubumbano oluhle ilolo olunenhlonipho futhi olunentshisekelo kanye nezinhloso ezihambisanayo ngomongo owodwa. Okokuqala okufanele sikwazi ukuthi kufanele sizazi thina ukuthi singobani, sisukaphi futhi siyaphi. Isimo sesiFundazwe nasemzansi esike sabhekana naso sokuhlukumeza abantu abaqhamuka kwibalazwe lase-Africa sibacwasa ngokubathela umzaca, okuke kwenzeka nakulelilokishi yikho okubulala ukuthula ezweni lethu. Ukucwasa ngokobuhlanga, okwebala, ulimi, inkolo, ubulili nokunye yikho okubulala ukuhlalisana kahle ezweni lase-Africa.

KwaMashu ezinsukwini kuke kwafufusa ukucwasana obekuthinta abokufika kuleli. Mina njengondunankulu ngicela abantu bahlalisane ngokuthula ngoba sonke singama-Africa.

Ubumbano lunomgogodla omiyo njalo uma sinomongo owodwa njengama-Africa sibeka phambili ukubaluleka bokuziphatha, sibuke amasiko ethu nemvelaphi yethu ngaphandle kokuthi silahle amagugu, isithunzi kanye nokuzigqaja. UNdunankulu uMacingwane ukhumbuze abebekulenkomfa ngenkulumo yakhe ayithula yesiFundazwe kuwolonyaka wathi; "kufanele siqinise inhlalonhle, ubumbano kanye nokuhlumeleliswa kwezimilo ekubumbeni isizwe esichumayo KwaZuluNatali kanye nasekwakheni kweSizwe sonke.

Konke esikwenzayo akusiyise ekupholiseni izilonda zobandlulo besesakha isizwe sethu ngokupheleleyo". Uma uHulumeni ehlaziya isimo uthathisela embonweni weSilo lapho sacela iminyango kahulumeni ukuthi isebenzisane ekucobeleleni ngolwazi nangezinsiza kusebenza ukuze abantu baso basizakale.

"Lenkomfa iyigxathu elenzelwe ukufeza umbono wezizwe ezihlangeneyo (United Nations) yikho omasipala nabo belindelekile ukuthi bahlele izinkomfa ezifuze le ukuze ulwazi esinalo lusabalale nesiFundazwe. OkaMacingwane uke wathatha umzuzwana edlinza ngokomphefumulo ecabanga ebuka labo abalimalile, nemindeni enabathile abadlule nemiphefumule yabo, nabaphucwe isithunzi sabo ngenxa yokucwaswa ngobuzwe.

Ubesekhalela imindeni elahlekelwe. Ube esedlulisa isixoliso kwabokufika abashiye imizi yabo ngenxa yalesisimo behlaselwa. OkaMacingwane ukhumbuze intsha ikakhulukazi njengoba izwe lethu kwabakhona ukuvukelwa kombuso wobandlulo okwanyakazisa umhlaba wathi singekhohlwe ngabantu abasisiza njengo; "Kwame Nkrumah of Ghana, Muwalimu Julius Nyerere of Tanzania, Agostino Neto of Angola, Kenneth Kaunda of Zambia, Ahmed Ben Bella of Algeria, Abdel Nasser of Egypt, Amilcar Cabral of the island of Principe, Guinea-Bissau, and Cabo Verde, Patrice Lumumba of the Democratic Republic of Congo, kanye nabanye abaholi base-African abaningi. Amazwe e-OAU azibandakanya kanye nathi la ukusileke ukulweni nobandlulo salunqoba, yikho abafowethu bakwamanye amazwe kufanele sibaphathe njengabafowethu.

Umongameli wethu umnu Jacob Gedleyihlekisa Zuma wathi; "abakwazi abantu bakwamanye amazwe babe izivakashi ezwenikazi lase-Africa ngoba sihlala ezwenikazi elilodwa kanti futhi into engabe siyayenza ngabe sibanika ukudla nenhlalonhle esikhundleni sokucela uqhudeqhude into engenasidingo. Yena njengomengameli uhambe amazwe amaningi ase-Africa lapho abethola ukwamukeleka nemfudumalo njengom-Africa akakaze ajahwe noma angatholi usizo. Thina njengabaholi asihambisani nalesisimo nalomkhuba osuyintsakavukela ezweni lethu. Lesisimo sibulala umnotho wethu ". Izinto ezidingidiwe kulenkomfa kube ukwakha isiFundazwe sibe esiphumelelayo kulezizinto: "kwezomnotho, esiphephile, esinezempilo esezingeni eliphezulu, inhlalonhle nokuhloniphana kanye nokwenza isiFundazwe sibe umnyango wokuxhumana namazwe ase-Africa ngakwezohwebo nokuvakasha", kubeka okaMacingwane. UMahluleli Navi Pillay wenza ucwaningo ngofuduko olwaluhlangani ukuhlumeleliswa kwezimilo kanye nenhlalonhle kulesisiFundazwe kanti usolwazi Paulos Zulu naye wakhipha akuthola enza ucwaningo olufanayo olwaluyisipesheli.

Zombili lezizinhla zaveza okufanayo okuwukuthi inhlalonhle ize ibhede nje ngenxa yezinto eziningi ezithinta umnotho ongalingani esizweni kanye nokuswela amathuba okuthola imisebenzi. OkaMacingwane ukhumbuze isizwe ukuthi baningi abantu abanomnikelo abawenzile ekwakheni lesisiFundazwe ukuze sithokozele ukuhlala kuso, ngakho igazi labo asingalicekeli phansi ngomzuzwana nje.

Ukufika kwabaMhlophe, aboMdabu waseNdiya, abaseShayina njalonjalo kwenza sibe isizwe esizinhlanganhlanga futhi esikuthokozelayo ukuhlalisana. Ukuvumela zonke izinkolo ukuthi zikhonze ngokukhululeka kwenze sanotha kwezenkolo esiFundazweni.

Yikho okwenze sakwazi ukumukelana sajabulela Ubuntu botho, amasiko kanye nemvelaphi yethu yikho sigubha oDiwali, Rosh Hashan, Eid, Umkhosi WokweShwama and Ramadan nezinye izinkolo nezinkoloze. Yize sisasilele ekugubheni ngokujabula sibeyimbumba sigubha lezizinsuku; usuku lwamaLungelo, olweNkululeko, olwamaFa, olokuBuyisana njll. nakhona kuyoze kulunge ngoba isibalo siyanda unyaka nonyaka wabantu abahambela lemigubho.

Umholi wezindaba zikahulumeni kulesisiFundazwe Sihle Zikalala wakhalaza ngokuthi abamhlophe benza kwabo ngaphesheya komfula iNcome namaZulu enza okwawo nganeno kodwa kube kugujwa lolusuku okuyinto okusafanele ilungiswe ukuze izizukulwane zazi kwenzekalani kodwa manje sesihlala ngokuthula.

"Umongo nomgomo wokuhlumeleliswa kwezimilo kunezinhlelo okufanele zisabalaliswe ezweni ukucima izibazi ezadaleka zokucwasana ngezindlela zonke bese isizwe sikwazi ukubuyisana futhi sibe nenhlalonhle nokubekezelelana ekuvikeleni inkululeko kanye nentando yeningi.

Lenkomfa kufanele ize nezixazululo ezizosebenza isikhathi eside ekubumbeni isizwe okuzoza noguquko olunamandla lomnotho, ezamabhizinisi ukwakhiwa kwemisebenzi, ukulwa nobugebengu izidakamizwa, utshwala osebuphuzwa nayintsha kanye nokuphathwa kahle komnotho wezwe", kubeka okaMacingwane.

Ephetha inkulumo yakhe uNdunankulu uthe ukuhlumeleliswa kwezimilo, inhlalonhle ingeshiye ukukhuluma ngobhubhane entsheni yethu esiqede isizwe eyokudla izidakamizwa, ucansi olungaphephile, ukukhulelwa kwezingane, ukubulawa kwezingane kanye nabesifazane abahlukunyezwa emakhaya.

Uthe iyethusa le yokubulawa kwabantu abangakwazi ukuzivikela okukhomba ukulahleka kwenhlonipho nobuntu nokuzithiba.

Wacela umphakathi ukuthi usebenzisane namaphoyisa ekulweni nobugebengu esingabala ukuthwala kwezingane, ukucwiya izitho zabantu kanye nokushushumbiswa kwabantu. Wabonga umphakathi ngokubekezelelana kwezepolitiki kulesisiFundazwe.

Ucele abantu abahlala ezindaweni zasemakhaya abakhele amakhosi ukuthi balwe nokutshontshwa kwemfuyo. Wacela Amakhosi, amaKhansela kanye nomphakathi ekulekeleleni ekulweni nobugebungu obunhlobonhlobo.

UMacingwane uthe unethemba lokuthi lenkomfa izoba nomthelela omuhle okwakheni isiFundazwe esihle nesizothokozelwa yibo bonke abahlali baso.









# UMBUKISO WEZOLIMO EMGUNGUNDLOVU UBE IMPUMELELO

**CUTHBERT NZUZA**

Lombukiso ungomunye kwemikhulu kunayo yonke e-Africa kanti uba minyaka yonke.

Umbukiso wezolimo ubungoweminyaka engu 167 wasungulwa kanti uyaye ubeseMgungundlovu.

Lombukiso uyaye udonse iviki lonke. Uhulumeni wesiFundazwe, okazwelonke kanye nosomabhizinisi bayaye bathole ithuba lokukhangisa imikhiqizo yabo eyahlukahlukene kumphakathi oyaye utheleke ngezenkani eMgungundlovu.

Kuyaye kutheleke abantu ababalelwa kwizinkulungwane ezingamashumi amabili. IHhovisi likaNdunankulu lona ilona elethwese umsebenzi wokuxhumana nayo yonke imiNyango kahulumeni wesiFundazwe maqondana nokuzokhangiswa nguhulumeni egunjini elabelwe uhulumeni wesiFundazwe, Osomabhizinisi bakulesisiFundazwe nabo bathola ithuba lokukhangisa imikhiqizo yabo eyahlukahlukene.

Labo abakhangise kahle bayaye bathole izindondo. Nokuba kuwumbukiso wezolimo akukhangiswa kuphela izinto eziphathelene nezolimo kuphela kodwa ngisho nosomabhizinisi abakhulu nabancane bathola ithuba lokukhangisa ngemishini yabo emisha.

UHulumeni wesiFundazwe wona uyaye ukhangise ngemisebenzi eyenziwa yimiNyango eyehlukene.

Umphakathi uyaye uthole nethuba lokubuza imibuzo nokusizakala njengasohlangothini lwezempilo kanye nokuphendula imibuzo eyaye ihluphe imiphakathi.

IHhovisi likaNdunankulu njengoba kuyilona elididiyela yonke imiNyango yesiFundazwe lithole ithuba lokuchazela umphakathi ngokwenziwa yilomNyango.

IHhovisi likaNdunankulu linophiko oluphathelene ukuvikelwa kwamalungelo abantu, uhlelo luka Operation Sukuma Sakhe kanye nokubhekelelwa kwentsha, abesifazane kanye nezingane abahlukunyeziwe.


Uphiko lweHIV/Aids uphiko luhlaziya isimo salolubhubhane olusingethwe kanye nezinhelo zokuthuthukisa umphakathi ezaziwa ngokuthi, phecelezi, Inkululeko Development Projects. Izinhlelo zophiko lwentsha beluveza ulwazi ngemifundaze uma sithi nqampu.

ImiNyango ke eyahlukahlukene nayo ithole ithuba lokuxhumana nemiphakathi ngalokho ekwenzela imiphakathi kanye nokuxazulula izinkinga zawo belu umphakathi.

Kusenjalo nemiNyango kahulumeni omkhulu nayo iyaye ibekhona ukukhangisa ngemisebenzi eyenzela umphakathi njengowamaJele abaye bachaze kabanzi ngobungozi kubantu ukuthi yini edala abantu bagcine sebetholakala sebethothoza kwesinyama isisele.

Uyaye uveze nezinhlelo ezitholakala ngaphakathi ejele ezithinta ukuhlumeleliswa kwezimilo kumabanjwa kanye nokushintsha izimpilo zabo ngokubafundisa amakhono emisebenzi ukuze bayaphuma sebeyakwazi ukuziphilisa.

Ngenxa yalombukiso isiFundazwe sizithola sinesandla ekukhuliseni amathuba emisebenzi kanye nomnotho (GDP) kanti siyisiFundazwe esinabantu abaningi.



**UMnu SIHLE ZIKALALA**

**UNGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHUKISWA, KOMNOTHO EZOKUVAKASHA NOKONGIWA KWEMVELO KWAZULU-NATAL**



# KUZOHLOMULA ABAMNYAMA KUPHELA OHLELWENI LWEZIMBONI

**SIYABONGA MAPHUMULO**

**UNGQONGQOSHE** wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo uSihle Zikalala uthi manje sekuyisikhathi sokuthi zidl' ekhaya kukhulunywa ngokuthuthukiswa komnotho wababencishwe amathuba enkathini edlule.

UZikalala uphawule kanje ngenkathi kwethulwa uhlelo lwezokuthuthukisa osozimboni abamnyama iBlack Industrialists Programme. Ngaphansi kwaloluhlelo oluholwa umnyango wezokuHweba neziMboni kuzwelonke kubekwe isamba esingango R1-billion sokuxhasa osozimboni abamnyama ukuze bakwazi ukuthuthuka bagcine sebeqophisana nezimboni esebedlondlobele, iningi lazo eliphethwe abebala.

"Siwuhulumeni waKwaZulu-Natali sikholwa ukuthi sesifikile manje isikhathi sokuthi sigxile ekuthuthukiseni abantu abamnyama abangama-Afrika kwezomnotho ngoba nangezikhathi zobandlululo yibo vele ababethwele kakhulu ukwedlula ezinye izinhlangam yibo futhi ababengenawo nhlobo amathuba okuzithuthukiswa kwezomnotho.

Kuyiphutha elingaxoleleki kanye nechilo ukuthi ezweni lapho abantu abamnyama base Afrika kuyibo abaningi khona kuphinde futhi kube yibo abadla imbuya ngothi zibe ezinye izizwe ziqhubeka nokudlondlobala."

Ngenxa yalokhu, kusho uZikalala, isifundazwe saKwaZulu-Natali sizokwethula kuhkungekudala izinhlelo ezifana ne-Operation Vula okuhloswe ngayo ukuthi osomabhizinisi abamnyama abasafufusa bakwazi ukuhwebelana ngqo nohulumeni wesifunda ngokuwudayisela imikhiqizo yabo. Waphinde wathi kunolunye uhlelo olubizwa nge-Radical Agrarian Socio Economic Transformation olugxile ekusizeni abalimi ekutheni bangene bagamanxe kwezamabhizinisi ngokuthi lokho abakuvunayo bakwazi ukuhwebelana ngakho neminyango ethile kahulumeni.

"Lolu hlelo lweBlack Industrialist asihlonizi ngokuthi sifuna lihlomulise abantu abamnyama kuphela; sifuna ukuthi nabo bakwazi ukuzibambela mathupha kwezokukhiqiza, bangagcini nje ngokukhangeza nokuqashwa abezizwe.

Ngaleyondlela siyokwazi ukuthi siguqule umnotho wethu ube ngohlomulisa wonke umuntu," kusho uZikalala. UZikalala owayehambisana noNgqongqoshe kazwelonke wezoHwebo neziMboni, uDkt Rob Davies wavakashela imboni esenyakatho nedolobha laseThekwini iMthembu Tissue Converting nokungenye yezimboni ezimbalwa eziphethwe abamnyama kulesisifundazwe. Le mboni ekhiqiza itoilet paper iphethwe uGeneral Mthembu kanti isineminyaka eyevile eshumini isebenza.

"Uma sikhuluma ngokuguqulwa komnotho sisho into efana naleyo eyenziwa iMthembu Tissue.

Sikhuluma nje le nkampani yaqala inabasebenzi abambalwa kakhulu kodwa manje isiqashe abantu abantu 103.

Lokhu-ke sikushayela ihlombe ngoba kusho ukuthi uma benikezwa amathuba noxhaso, osozimboni abamnyama bangakwazi ukuzibambela mathupha," washo ephetha.



*UNgqongqoshe uDkt Rob Davies, Mnu General Mthembu ongumini we Mthembu Tissue Converting noNgqongqoshe uSihle Zikalala*

# UZikalala uhlaba ukubhebhetheka kwezindaba mbumbulu

**SIYABONGA MAPHUMULO**

**UNGQONGQOSHE** wezokuThuthukiswa kwezoMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo nosamambe njengoNdunankulu wesifundazwe saKwaZulu-Natali uSihle Zikalala uthi ukwanda kwama website aqukethe izindaba mbumbulu phecelezi fake news kungaba nomphumela omubi kakhulu uma kunganqandwa.

UZikalala usho kanje ngenkathi ekhuluma namakhulu ezithunywa ebezethamele ingqungquthela yabezindaba i69th World News Media Congress eNkosi Albert Luthuli International Convention kulelisonto.

Ekhuluma kulo mbuthano obuhanjelwe izintatheli esezimnkantshubomvu, kubalwa kuzo abahleli bezindaba, ababhali kanye nabashicileli, uKhuzeni uthe lapha kwisifundazwe saKwaZulu-Natali sekuke kwakhuzwa umhlola kwagijima namaveni akwasidlodlo ngenxa yaso belu lesi sihlava sokubhebhethekiswa kwezindaba ezingamapunge ezinkundleni zokuxhumana ezifana noFacebook, Twitter kanye noWhats-app.

"Esontweni esiphuma kulo kwaphoqeleka ukuthi sijube ezakwadalawane laphaya elokishini laKwaMashu kulandela ukuthi umphakathi, okwakukhona kuwo nezingane zesikole uvuke umbejazane wahlasela abathile ababebhecwa ngobubende inyama bengazange bayilokothe kulandela imibiko ukubhebhetheka kuhle komlilo wequbula ezinkundleni zokuxhumana ukuthi laba babethinteka ezigamekweni zobugebengu."

Wathi lokhu kuyingozi ngoba kubeka engcupheni ngisho isimo sozinzo ezweni imbala.

"Akukuhle-ke ukuthi sivumele lomkhuba uqhubeke, yingakho siwuhulumeni sinxusa abezindaba kanye nezinye nje izinhlaka ezisondelene nalomkhakha ukuba basebenzisane nathi ekutheni siwunqande lo mkhuba wama fake news sites kugaze kudaleke umonakala ongaphezulu," kusho uZikalala.

Waphinde watshela ingqunquthela ukuthi ngenxa yokuqina kwemithetho eqikelela iphinde ivikele ukusebenza ngokukhululeka kwezintatheli kwelengabadi, iNingizimu Afrika ikleliswe endaweni ka 40 emazweni angu 180 uma kuziwa ngasekusebenzeni ngokukhululeka kwezintatheli. Le lizwe lidlula ngisho amazwe athuthukile nathathwa njengezikhondlakhondla emhlabeni afana neFrance, iNgilandi kanye nelaseMelika.

"Ngenkathi sikhulula izwe kuhulumeni wengcindezelo siliwelisela kowentando yeningi eminyakeni engamashumi amabili nantathu edlule, phakathi kwezinto esazibeka eqhulwini kumthetho sisekelo wethu kanjalo nomqulu wamalungelo kwaba ukuqinisekisa ukuthi abamaphepha kanjalo nabasemkhakheni wezobuciko basebenza ngokukhululeka, ngale kokwesatshiswa uhulumeni njengoba kwakwenzela enkathini edlule umbuso usabanjwe ngobhongwane.

UZikalala waphinde wakhala kakhulu ngokwenzelela okubuye kube khona kwezokucoshelwa kwezindaba nathi kokunye kwenziwa izinguquko ezenzeke kulomkhakha eminyakeni edlule.

"Kuyiqiniso ukuthi amaphephandaba ikakhulukazi abhekene nengcindezi yokuthi ngengoba sekwaba khona izinto ezifana no-internet, kawasathengwa njengakuqala kwazise iningi labantu selikhetha ukufunda izindaba komakhalekhukhwini kumbe kumakhompyutha nokusho ukuthi ezinye izintatheli esezimnkantshubomvu ziyayishiya le mboni.

Lokhu-ke kuholela ekutheni izindaba ezinohlonze nalezo ezingakha isizwe ezifana nemisebenzi emihle kahulumeni zingashicilelwa ngoba izintatheli ezingakaqini kahle-hle ukhakhayi kulomkhakha ziyaye zithathele izindaba ngeso eligxile kuphela kulokho okungekuhle, zingabe zisabika nangemisebenzi eminingi emihle eyenziwa uhulumeni," washo ephetha.



*UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo umhlonishwa uSihle Zikalala*

UNkk WEZIWE THUSI

UNGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHUKISWA KOMPHAKATHI KWAZULU-NATAL



# UNgqongqoshe uThusi udlulisele ngokusemthethweni isikhungo sokunakekela izingane eziyizintandane

UNGGQONGQOSHE wezokuThuthukiswa koMphakathi esiFundazweni, uNkosikazi Weziwe Thusi, usesidlulisele ngokusemthethweni emphakathini isakhiwokazi saloMnyango esakhiwe iBhange laseJalimane, esizosiza umphakathi ngezidingo zezenhlalakahle endaweni yaseDlebe, engaphansi kukaMasipala wasoLundi, kuWadi 6, muva nje. Ekhuluma kulomcimbi, uNgqongqoshe uThusi uthe uMnyango wakhe uzosiphathelwa inhlangano engenzinzuzo esibe negalelo elikhulu emphakathini okhungethwe yigciwane lengculaza.

Lenhlangano, eyaqala ukusebenza ngonyaka ka-2002, isibe negalelo elikhulu emphakathini waseDlebe ekunakekelweni kwamalunga omphakathi adinga usizo ngenxa yenselelo yokuhaqwa yigciwane lengculaza emindenini yawo, kanti noMnyango usuyayinika lenhlangano eyaziwa ngeKhululekani Community Care Center imali yokuyisa phambili umsebenzi wayo omuhle noncomekayo wokunakekela izingane, intsha, abesifazane, abadala, nabakhubazekile kulendawo.

UNgqongqoshe uThusi uthe: "Lesi sikhungo sabantu baseDlebe kumasipala wasoLundi singesinye sezikhungo eziyisithupha ezabelwa imali engango-R5 million sisinye, kanti ezinye izikhungo ezifanayo ziseMpendle, Ndwedwe, Charlestown, Nibela kanye naseBergville.

"Lokhu kulandela isivumelwano phakathi koMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi ezingeni likaZwelonke neBhange laseJalimane ukuba isiFundazwe saKwaZulu-Natali sibe ngesinye seziFundazwe ezihlomulayo kulelizwe njengoba kwenzeka naseziFundazweni zaseLimpopo, naseNorth West.

"IKhulekani Community Care Centre iqale ukuxhaswa yiloMnyango ngonyaka ka-2008. Umsebenzi walenhlangano engenzi nzuzo uqale ukuqina ngonyaka ka-2004 lapho amavolontiya alenhlangano aqala ukuqinisa umsebenzi wokuvakashela imindeni enamalunga agulela emakhaya angasakwazi ukuzisiza.

"UMnyango uye wayinceda lenhlangano, uyisizile futhi lenhlangano ngokudla kanye nenyufomu yesikole ukuze imindeni ehlwempu ihlomule. "Kwaqala uMnyango wezeMpilo ngonyaka ka-2008 ngokunika lenhlangano usizo lokudla ukuze imindeni ehlaselwe yigciwane lengculaza ithole okuya ngasethunjini, kwagcina ngokuthi lomsebenzi unikwe uMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi.

"IBhange laseJalimane liyazi ngaloMnyango kaHulumeni lenhlangano eyenza umsebenzi omkhulu kangaka emphakathini, kwathi umsebenzi wokulungiselela ukwakhiwa kwalesi sikhungo waqala ngonyaka ka-2006.

"Ezinye zezinto ezizokwenziwa yilesi sikhungo ukuba yindawo lapho kuzotholakala khona ukudla nokuqeqeshwa kwabantulayo, okuhlanganisa izingane, intsha, abadala, kanye nabakhubazekile njengoba iKhululekani Community Care Centre siyinika imali engango-R463 454 kulonyaka wezimali," kuchaza uNgqongqoshe uThusi. IKhululekani Community Care Centre iyisikhungo umphakathi waseDlebe oziqhenyayo ngaso njengesakhiwokazi esinendawo yokudlala imidlalo yabafana, eyamantombazane, eyezobuciko namasiko, i-library, ama-computer, ikhreshi, amahhovisi okusebenzela inhlangano ephethe, abezenhlalakahle, abakwa SASSA, Home Affairs, kanye neminye iminyango kaHulumeni eyahlukahlukene.

UNgqongqoshe uThusi utuse izisebenzi zomphakathi ezaziwa ngama Community Care Givers, njengoba kumanje uMnyango uqashe awu-48 oLundi, kanti ahlomula imali engango-R1 900, ngenyanga, ukunakekela imindeni edinga ukusizwa emiphakathini.



*UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosikazi Weziwe Thusi, ngesikhathi kuvulwa ngokusemthethweni isikhungo eDlebe.*

# Kudodobalisa intuthuko yomuntu ukusebenzisa uphuzo oludakayo ngokweqile



*UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosikazi Weziwe Thusi (owesithathu ukusuka kwesokunxele), iMeya yas' eThekwini, uKhansela Zandile Gumede, ophethe kaCoca Cola ezwekazi lase-Afrika yonkana, uMnumzane Ricardo Tadeu kanye nomele abakwaKZN Liquor Authority, uNkosikazi Mbali Myeni.*

**INKAMPANI** ekhiqiza iziphuzo ezidakayo, iSouth African Breweries (SAB), iyaqhubeka nokukhombisa ukuzimisela ngokulekelela ukwehlisa ubungozi bokusetshenziswa kotshwala emiphakathini. Lokhu kuvele ngenkathi uNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi esiFundazweni saKwaZulu-Natali, uNkosikazi Weziwe Thusi, etusa ukuzimisela kwabaphathi balenkampani ukulekelela imiphakathi eyahlukahlukene elimalayo uma abantu bezithola besebenzisa iziphuzo ezikhiqizwa yi SAB, ikakhulukazi ukweqisa okwenza abantu baziphathe ngendlela engafuneki emphakathini. Ekhuluma ehholo lomphakathi wakwa D, eMlazi, muva nje, emcimbini obuxhaswe abakwa SAB uhlanganisa abahwebi beziphuzo zabo, izinhlangano zomphakathi, abafundi besikole, izinhlaka ezahlukahlukene zikaHulumeni kuwo wonke amabanga, uNgqongqoshe uThusi uncome lenkampani athe useke wasebenza nayo kakhulu ngaphambilini lapho ibixhasa ukwakhiwa kwezindawo zokudlala kulesi siFundazwe. Uthe: "Ibikhona futhi lenkampani emcimbini waloMnyango kaHulumeni obuseNewlands Park Centre lapho besethula izinhlelo zokulwa nezidakamizwa ebuholini obusha boHulumeni basekhaya namaKhosi. "Bayaqhubeka ngezinhlelo zokuqwashisa ngobungozi bokusebenzisa uphuzo oludakayo ngokweqile, okuhlanganisa nokubulawa kwabesifazane," kusho uNgqongqoshe uThusi.

Ezinye zezikhulumi eziqavile kulomhlangano obunesidlo sasemini sokubungaza umsebenzi wokuqwashisa ngobungozi bokuphuza utshwala ngokweqisa esilethwe yilenkampani kubantu baseMlazi, bekuyiMeya yeTheku, uKhansela Zandile Gumede, kanye neziphathimandla zakwaSAB, ebezihlanganisa nophethe lenkampani ezingeni le-Afrika yonkana, uMnumzane Ricardo Tadeu, obephelezelwa ozakwabo abaphethe esiFundazweni, uMnumzane Greg Uya noMnumzane Clarence Sibiya.

Usihlalo wesakhiwo saHulumeni esibhekene nokulawulwa komsebenzi wokudayisa nokusetshenziswa kotshwala obusemthethweni, i-KZN Liquor Authority, uNkosikazi Mbali Myeni, uthe uNgqongqoshe wezokuThuthukiswa kwezoMnotho, Ukuvakasha kanye nokoNgiwa kweMvelo, uMnumzane Sihle Zikalala, uyakweseka okwenziwa yilenkampani ukuqwashisa nokulekelela ekunciphiseni ububi obenzekayo uma abantu bephuza utshwala ngokweqile.

Naye uNkosikazi Myeni ukugxekile ukusetshenziswa kukatshwala ngokwedlulele ngenxa yokuthi bulimaza imiphakathi, imindeni, izingane, abesifazane, abasebenzisa imigwaqo, buphinde benze abantu abaphumelelayo emisebenzini yabo bagcine sebeyizithothobala zotshwala ezingelutho ngenxa yokubuphuza ngokweqile. "Njenge KZN Liquor Authority sibhekene nomsebenzi wokufundisa futhi kuxwayiswe abahweba ngotshwala ukuthi bangamdayiseli umuntu osedakiwe utshwala, abangamdayiseli umama ozithwele, abangadayisi kuze kudlule isikhathi akalelwe sona, akube nendawo yokuphuza amanzi lapho edayisela khona, akubekhona indawo yokuzikhulula ehlonipha ubulili obuhlukahlukene, azingadayiselwa izingane utshwala, futhi indawo yokudayisela utshwala ayiqhelelane nendawo lapho kusontwa khona noma lapho kufundwa khona. "Izingane ezinekusasa aziphuzi.  Musa ukuvuma ukuthi ukubaluleka kwempilo yakho bukalwe ngebhodlela lophuzo oludakayo," kusho uNkosikazi Myeni.

Obekuqhakanjiswa kakhulu kulesi sidlo sasemini sokuqwashisa ngobungozi bokuba yisidakwa, inkinga yokuphuza kwentsha engaphansi kweminyaka engu-18.

Ukugqugquzela intsha ukuba ingabuphuzi utshwala, abakwa SAB banohlelo olwaziwa ngokuthi ama Mentors and Mentee, okusho umluleki nolulekwayo. Kulolu hlelo kugqugquzelwa ukuthi osephumelele asize ongakaphumeleli.  Kungaba umuntu osesebenza noma ozisebenzayo osiza osafufusa noma osahamba isikole abe umholi wakhe, amkhombise indlela noma amsize endleleni yakhe eya empumelelweni.

Kulolu hlelo oselunamalunga ayi-100 kubhekeke futhi ukuthi ohola omunye empilweni abe isibonelo kuye, okuhlanganisa ukungenzi izinto ezithunaza impilo njengokudla amankwebevu kuze kweqe noma ukusebenzisa izidakamizwa umuntu angabe esakwazi ukulawula impilo yakhe nokuziphatha ngendlela eyamukelekayo kwabanye abantu aphila nabo.

# UDKT SIBONGISENI DHLOMO

**UNGQONGQOSHE WEZEMPILO KWAZULU-NATAL**



# UHLELO LOKUQEQESHWA KODOKOTELA BAKULELI KWELASE-CUBA LUHEHA NAMANYE AMAZWE OMHLABA

**SIBONGISENI DHLOMO**

Mhla zingama 30 kuMfumfu (October) ngo 1996, owangumengaleli wokuqala weNingizimu Africa ekhululekile nebuswa ngentando yeningi uBaba uNelson Mandela kanye nowenguzakwabo wase-Cuba umengameli Fidel Castro, basayina isivumelwano isiyingqophamlando. Lesisivumelwano simalungana nokuthunyelwa kwentsha yakuleli eCuba ukuyoqeqeshelwa ubuDokotela kwelaseCuba ukuze kuthuthukiswe ezeMpilo kuleli, ikakhulakazi ezindaweni zasemakhaya. Ngaphezu kokulwa nenkinga yokushoda kodokotela kuleli, odokotela abaqeqeshwe kwelase Cuba bafundiswe indlela yokuthi abezempilo basize imiphakathi ukuthi ingangenwa yizifo kunokulinda ukubantu bagule besebethutheleka ezikhungweni zezempilo ukuzokwelashwa.

Umphumela wokubambisana kwethu nelase-Cuba kwezempilo usudonse amehlo amanye amazwe. Ngisanda kuhambela eNgilandi ngesimemo se - Institute for Global Health Innovation - Imperial College e-London ukuba ngibeyingxenye yengqungquthela yayo ngaphansi kwesihloko esithi "Human Resources For Health and Economic Growth Learning from the Cuban Experience in Medical Education". Inhloso yokumenywa kwethu bekuwukuthi siyophonsa itshe esivivaneni ngesesikuhlomulile ngokuthumela intsha yethu ukuba iyoqeqeshelwa ezobudokotela e-Cuba. Phezu kwezinkinga esibhekene nazo kwezempilo KwaZulu-Natal ngenxa yokudlanga kwezifo nokuntuleka kwezimali nokubangela ukushoda kwabasebenzi, lesisifunda singesinye salezo ezenza kangcono kwezempilo. Ubufakazi balokhu ukumenywa kwethu kulengqugqquthela. Baningi oDokotela asebeqeqeshiwe kwelase-Cuba eminyakeni edlule , kanti ngonyaka odlule nje kuphela besigubha ukubuya kwabangu 500 asebephothule izifundo zabo. Sebevele bajutshiwe ezweni lonke ukuba beyohlinzeka imiphakathi ngezeMpilo. Kubafundi abangaphezulu kuka 700 abaseCuba, abangu 262 bazobuya ngo-Ntulikazi (July) wangonyaka ozayo. Baningi-ke abafundi abazobuya eminyakeni emibalwa ezayo abazobe sebephothule izifundo zabo. Bonke-ke labo Dokotela bazobe sebejutshwa ezindaweni ezahlukene zesifundazwe saKwaZulu-Natal, ikakhulukazi ezindaweni zasemakhaya. Bayithemba lethu ekulweni nezizifo nokuthukisa Ezempilo KwaZulu-Natal.

Ingqungquthela yakamuva eLondon, isiqinisa idolo ukuthi umkhankaso wethu wokulwa nezifo uzophumelela ngokuqina kobudlelwane bethu nelase United Kingdom kanye nelase-Cuba.

Kulengqungquthela sagcizelela ukuthi kumele kuqalwe ngokuthi kubhekanwe nezifo ezikhona eNingizimu Africa, ezihlanganisa isandulela ngculazi kanye negciwane laso, kanye nesifo sofuba, ukushona koMama kanye nezingane ngesikhathi bebeletha, ukuncishiswa kodlame kanye nokulimazana. Kanye nokukhula kwezifo ezingathathelani ezifana nesifo somdlavuza, isifo sikashukela, ukukhuluphala ngokweqile kanye nomfutho wegazi ophakeme. Siphinde sazibophezela ukuthi ngokuvambisanasa ne-Cuba ekubeni isiqeqeshele intsha. Elase-Cuba likwazile ukunciphisa ukwesuleleka komntwana engakabelethwa ngesandulela ngculazi, isifo sika malala eveva, esofuba nezinye. Kwelase-Cuba oDokotela abahlonishwa kuphela ngokuthi sebenqume imilenze yabantu abangaki kanye nezingalo, kodwa bahlonishwa ngokukwazi ukufundisa ngezempilo, nokuthi ungazivikela kanjani.

Ngenxa yokukwazi ukufundisa nokugqugquzela ngezempilo, abantu base-Cuba baba nje nesifo somfutho wegazi kanye nezifo ezingathathelani sebebadala kakhulu.Yisona sizathu esenza silithande kangaka izwe lase-Cuba. Sisebenza ngokuzikhandla okukhulu ukugqugquzela ezeMpilo ezisezingeni eliphakeme ukuze sihlinzeke imiphakathi yethu ngezempilo ezisezingeni eliphakeme, sisebenzisana nabasebenzi bezempilo kusukela emitholaMpilo. Odokotela abaqeqeshwr kwelase-Cuba bazosisiza Kulokhu ngoba ulwazi lwabo lugxile ekuvikeleni.

Isibonelo nje, lapha KwaZulu-Natal sesijube amathimba ezikoleni angu 207 isifundazwe sonke. Lamathimba aholwa abahlengikazi abafunde bagogoda, basebenzisa nabahlengikazi abasafikayo kanye nabasizi babo. Umsebenzi wabo omkhulu, ukuhlola abafundi izifo ezifana nesifo sofuba, kanye nezingqinamba ezingathikameza ukufunda kwabo, ezifana nokungaboni kahle, inkinga yokuzwa, ukuphazamise emqondweni, ukukhubazeka kanye nokunye. Onyakenu odlule wezimal, amathimba ethu ezeMpilo ahambela ezikoleni ezinngu 6 000 ahlola abafundi abangu 143 776 kusukela kwa Grade R kuya ku Grade 10. Sesiqale uhlelo i-Child and Adolescent Mental Health Sub-Speciality nokuwuhlelo olusizayo ukuhlola isimo sengqondo yengane uma ikhula, ikakhulukazi uma inenkinga ngokwesimo sengqondo. Njengamanje zingu 102 294 izingane ezingaphansi kweminyaka engu 18 esezihloliwe esifundazweni saKwaZulu-Natal.

Kanjalo, angu 141 amathimba ahambela emakhaya aziwa ngokuthi i-Ward Based Outreach Teams (WBOTs) asekwazile ukukhuphula aphinde aqinise ukusebenza konoMpilo abahamba bengena umuzi ngomuzi.

Sizoqhubeka siqinise uhlelo lwezeMpilo, kanti futhi sinxusa umphakathi ukuba unakekele impilo yawo, uhlale uphilile ngaso sonke isikhathi. Odokotela bethu abaqeqeshwe kwelase Cuba bazosisiza kakhulu emkhankasweni wokuvikela izifo emiphakathini kunokulinda abantu baze bagule bese bezikwelashwa ezikhungweni zezempilo.

# ISilo sivule ngokusemthethweni indawo yamagugu

ISilo SiKaZulu Goodwill Zwelithini, undunankulu waKwaZulu-Natali umnu Willies Thembinkosi Mchunu meya Zandile Gumede bavule indawo Yamagugu eCato Manor (eMkhumbane). Indawo yamagugu yakhiwe endaweni yedlinza lendlovukazi Thomozile kaNdwandwe Zulu ozala sona Isilo lesi esibusayo. Isekela lemenenja ebhekene nosizo oluphuthumayo khona eThekwini u dokt Musa Gumede wazise ikomiti eliphezulu ukuthi bayakujabulela ukuba nobudlelwane obuhle neNdlunkulu KaZulu. Lobubudlelwane busuka eminyakeni emiingi eyadlula yikho okwadala ukuthi ngonyaka ka 2015 baphendule isoyi lokwakha lesisizinda samagugu.

Isilo sithula inkulumo yaso sihlabe ikhwelo esizweni sathi abantu baso abayithande indawo abayakhele ngoba ikuze ithuthuke indawo ngeke ithuthuke ngaphandle kwemindeni esuke yakhele leyondawo futhi kufanele bazakhe bona ukuze indawo ijwayeleke njengoba izokwakha imvuselelo esizweni sakithi. Isilo sichaze indawo yamagugu njengendawo evuselela ubuthina futhi izokhumbuza isizwe ngemvelaphi yaso kanye nokubuka isimo sezinto ezenzekayo kwimihla ngemihla besesilungisa lapho okanakele khona. UHlanga loMhlabathi lubonge uMdali ngeminya amuphe yona wakwazi ukuthi kwenzeke izinto esizweni esekhona ezisikhumbuza la uZulu esuka khona njengoba enomlandu ongaka. "Ngokomlando lendawo yenziwa ubandlululo yakhiwa yayistebele la kwakuzohlala khona abantu, kubeka Isilo. Abantu abamnyama yibo ababefukula umnotho besetshenziswa njenge zimbongolo zona ezibamqoko uma kusetshenzwa uma sezingasasebenzi zilunge zilaphaya ziqhelile, yikho lendawo ababehla la kudala babethi kusezintabeni zosizi", kubeka Isilo.



UHlanga loMhlabathi lubonge uBhishobhi uHlophe weZCC ngesibusiso asenze edlinzeni leNdlovukazi nasekuvulweni kwesigcinamagugu kanye nobaba Shezi bonke laba babe ngabafana beSilo uBhushakonayifi abahlala la eMkhumbane okuyibo abangasinaka umlando wendawo.

"Ukuba imbumba kwabo kwenza isimo sishintshe saba impumelelo lokhu thina bantu bamanje okusehlulayo, kube iSilo. Inkinga yethu manje sizifundiswa yikho sesenyanya esiyikho sesithatha okungekhona okwethu nakho kusehlule yikho izwe lifile nje", kubeka iSilo. "Yikho singafani nalaba abalwa abangavuma uSathane wangena kubo ukuze aphile kubo kugcine kudlungwelwa izingane zethu kubulawa abesimame", kubeka iSilo.

Isilo sibabazile ngabantu baso asebengene shi ekusebenziseni izidakamizwa abavuka babhubhudle utshwala kwasa futhi abalali kazi balithola nini ithuba lokucabanga nokuhlela impilo nje nezimo ababhekana nazo kwasa.

UNdunankulu waKwaZulu-Natali umnu Willies Thembinkosi Mchunu udlulise ukubonga njengesiFundazwe ngawo lomsebenzi. OkaMacingwane uthe, "kwaba ingqophamlando ukuthi iNdlovukazi iphile kulendawo iphinde itshalwe kulendawo ithole inhlonipho efanele". "Uqhubeke wathi kungekholakale futhi ngeke bajabule uma kungavuka laba ababehlukumeza abantu sebebona indawo yabantu ithuthukiswa kanje". "ISilo sabona kufanele ukuthi lesisigcina magugu sengame futhi sihloniphe indawo lapho kulele khona iNdlovukazi", kubeka okaMacingwane.

OkaMacingwane ubonge ISilo ukuthi siwenze lomsebenzi ngezinsuku ezibalulekile zokukhumbula ukwenyuka kweNkosi Jesu kanti bona nje bebengeke balubeke ezinkonzweni ngakho ukubakhona koHlanga loMhlabathi kuvuselele izinhliziyo zabaningi. "Inqubekela phambili eyenziwe isiFundazwe ihlanganyele nomasipala weTheku oholwa umama Gumede ikhombisa ngokusobala ukulandela umgomo wokushintsha nokuthuthukisa izindawo zabantu, futhi lesisiFundazwe yisosodwa esineNdlukulu KaZulu futhi esiyihloniphayo", kubeka uMacingwane. "Ubongoze iSilo naye okaMacingwane ngokuthi iNdlovukazi ilale laphaya ukuze njengensika kaZulu kugcine isihlonishwa ngokuthi kwakhiwe lesisigcinamagugu", kubeka uMacingwane. "UMkhumbane nawo awumcinane embusweni waKwaZulu njengoba sekuqopheke umlando ngokuthi kwakhiwe isigcinamagugu", kubeka okaMacingwane. UNdunankulu ubesehola umphakathi obuhambele lapha ngokuthi asho ukuthi yena njengoba ehlala e-Chestervile akufundiswa futhi akwaziwa ukuthi kuyakhulekwa eSilweni wathi uzizwa ebusisekile namuhla ngoba iSilo silapha kanti sinabo naye sebemfundisile ukuthi izigqoko azifakwa uma kuneSilo futhi useyazi ukuthi athi Wena wendlovu!!! Wena wendlovu Bayede!!!

Umsebenzi osewenziwe isiFundazwe kanye neTheku yize ungakapheleli kusasele kodwa iTheku nesiFundazwe bazimisele ukuphakamisa igama leNdlunkulu, igama leNdlovukazi kanye neSilo uqobolwaso.

# UNkk NOMUSA DUBE-NCUBE

UNGQONGQOSHE WEZOKUBUSA NGOKUBAMBISANA NEZINDABA ZOBUHOLI BENDABUKO KWAZULU-NATAL



# LIYENYUKA IZINGA LOKUTHUTHUKISA UKUSEBENZA KOMASIPALA

VERNON MCHUNU

Kulindeleke ukuba lenyuke izinga lokulethwa kwezidingo emiphakathini eyakhele isifundazwe saKwaZulu-Natali njengoba amaxhama ezokubambisana phakathi komnyango wezokuBusa ngokuBambisana neZindaba Zomdabu esiFundazweni esethole ukuqiniswa kakhulu kunangaphambilini.

Emhlanganweni wakamumva lapho khona ungqongqoshe womyango, uNomusa Dube-Ncube, ehlangana nezimenenja zomasipala, izimeya kanye nabagcinimafa – udaba lokuqiniswa kwamaxhama ezokuxhumana kanye nokwesekelana lubekwe phezulu eqhulwini.

Ngokulandela izibophezelo zomnyango ezethulwe ngesabelo-mali sonyaka ophezulu ka 2017-2018, uDube-Ncube uthe sesedlule isikhathi sokuthi umyango ugcine ngokuqhumisa isitshwebhu mayelana nomsebenzi womasipala.

"Manje sesizoba yingxenye yokusebenza komasipala ukuze siqinisekise ukuthi kwenzeka konke lokho omasipala abamelwe wukukwenza ngokulandela umthethosisekelo kanye nemithetho yokusebenza komasipala," kuchaza uDube-Ncube, ngesikhathi ehlangene neziphathimandla zomasipala kamumva nje, nangaphansi komhlangano obizwa ngokuthi yiMUNIMEC.

U-Dube-Ncube wenze isibonelo ngokuthi ukukhuluma ngomkhankaso wokuvulela amathuba labo abebencishwe wona kuzoba yinto ebonakala kakhulu ezingeni lomasipala ngaphansi kohlelo lokuthuthukisa ezomnotho. "Umnyango uzolekelela omasipala ukuqinisekisa ukuthi amathuba avulelwa labo abebengayitholi imisebenzi yokuthengisa imikhiqizo yabo kuhulumeni.

Sizolekelela osomabhizinisi abasafufusa, ikakhulukazi ekukhiqizweni kanye nasekuthengiseni ngemikhiqizo yabo, ukuze kuhlomule labo abengengenawo amathuba phambilini.

Ukuze kuhlomule ikakhulu abantu basemakhaya belekelelwa ngamakhosi, sizokwenza kube wuhlelo lwezolimo oluthola ukuxhaseka kakhulu," kusho yena.

U-Dube-Ncube uthe: "Siphelile manje isikhathi sokuthi umnyango ugcine ngokuba ngunompempe kuphela, kodwa manje sesizogijima kanye nabo omasipala enkundleni ngoba sihlose ukubona uguquko olusheshayo ezimpilweni zabantu bakithi."

**Ukuze kuhlomule ikakhulu abantu basemakhaya belekelelwa ngamakhosi, sizokwenza kube wuhlelo lwezolimo oluthola ukuxhaseka kakhulu**





*Bekusinwa kudedelwana, kuqhanyukwa namasu okwenyusa izinga lokuthuthukisa abantu, emhlanganweni obandakanya omasipala bonke esifundazweni kanye nongqongqoshe.* ***Isithombe:*** ***MANDLA MKHIZE***

KWAZULU-NATAL PROVINCIAL GOVERNMENT
RAPE IS A CRIME
365 Days Anti-Women Abuse Campaign
UKUDLWENGULA KUYICALA
#NOCONSENTNOSEX



Akusafanele manje ukuthi kube khona abahlinzeki bemisebenzi abazolinda kuphele izinyanga ngaphambili kokuthola imali yomsebenzi abawenzile bawuqeda

NHLAKANIPHO BUTHELEZI

## UNkk BELINDA SCOTT

UNGQONGQOSHE WEZEZIMALI KWAZULU-NATAL



# USCOTT UBOPHEZELA UHULUMENI EKUKHOKHELENI OSOMABHIZINISI NGESIKHATHI

EMGUNGUNDLOVU - UNgqongqoshe wezeziMali KwaZulu-Natal, uNkk. Belinda Scott, ubophezele uHulumeni wesiFundazwe ekukhokheleni ngokushesha abahlinzeki bemisebenzi kuhulumeni ukugwema ukuthi osomabhizinisi bangangeni ezindlekweni kungenasidingo uma sebewenzile umsebenzi abebewuqashelwe.

UNgq. Scott uthe uHulumeni usazibophezele kakhulu emgomweni wawo wokukhokhela umsebenzi owenziwe ngesikhathi ngaphansi kohlelo lwe-Operation Khokha Ngesikhathi - We Pay on Time.

Uthe kubalulekile ukuthi iminyango kaHulumeni iqinisekise ukuthi ikhokhela abahlinzeki bemisebenzi ngesikhathi ukuze kugwenywe ukuthi osomabhizinisi bagcine sebengena ezindlekweni ngoba bengakakhokhelwa imali yomsebenzi asebewenzile.

"Akusafanele manje ukuthi kube khona abahlinzeki bemisebenzi abazolinda kuphele izinyanga ngaphambili kokuthola imali yomsebenzi abawenzile bawuqeda. UHulumeni uzibophezele ukuthi abahlinzeki bemisebenzi bakhokhelwe zingakapheli izinsuku ezingama 30 beqedile umsebenzi.

"Uma lokhu kungenzeki, kusho ukuthi lowo mnyango uyobe uphula isibophezelo sikahulumeni sokukhokhela osomabhizinisi ngesikhathi esifanele," kusho uNgq. Scott.

Ugcizelele ukuthi kubalulekile abahlinzeki bemisebenzi bathole imali yabo ngokushesha ukuze bakwazi ukuqhubeka nemisebenzi yabo. "UHulumeni uyaqonda ukuthi izinkampane zingalahlekelwa yinzuzo futhi zingene ntshi ezikweletini uma zingakhokhelwa ngesikhathi imali yomsebenzi eziwenzile," kuqhuba uNgqongqoshe. Uphonsele inselelo abahlinzeki bemisebenzi ukuthi balandelele ukuthi ngabe ama-invoice abawafakile ayasetshenzwa yini, babike iminyango ehlulekayo ukukhokha kulesi sikhathi esinqunyiwe nesingumgomo kaHulumeni.

Uthe abahlinzeki bemisebenzi abanezinkinga mayelana nokukhokhelwa ngemisebenzi abayenzile, kumele balandelele kulowo mnyango ukuze kuxazululeke inkinga yokukhokhelwa komsebenzi osewenziwe.

Uqhube wathi uma singatholakali isixazululo, abathintane nophiko lwe-Operation Khokha Ngesikhathi - We Pay on Time eMnyangweni wezokuGcinwa kwaMafa eKZN ukuze kulandelelwe lolo daba.

Imininingwane uma ufuna ukuxhumana noPhiko lwe-Operation Sikhokha Ngesikhathi - We Pay On Time, thintana noNksz. Mbali Mzila weThimba (Help Desk) kule nombolo yamahhala: 0800 201 049, ucingo (033) 897 4332, e-mail: PAYMENTQUERIES@kzntreasury.gov.za noma iFax (033) 897 4495.

# Kwenziwa lula uhlelo lokusiza izisulu zezingozi zomgwaqo

Kuzobuye kulekelele uHulumeni empini yakhe yokulwa nezigameko zenkohlakalo eziyinkinga enkulu ezenzeka ebantwini bakithi abasuke bedidekile ngesikhathi zenzeka.

NHLAKANIPHO BUTHELEZI

Uphiko olunxephezela abayizisulu zezingozi zomgwaqo iRoad Accident Fund (RAF) seluthuthukise kabusha amaHhovisi alo aseThekwini lwaphinda lwethula nemoto engumahamba nendlwana eyaziwa ngeMobiRAF.

IMobiRAF izohlinzeka abantu ngokuthi ihambele ikakhulukazi ezindaweni zasemakhaya ngaphansi kohlelo oluthi "Project Siza Kuwe" ehamba nabasebenzi bakuleli hhovisi lapho behambela imiphakathi edinga usizo. Imisebenzi eyenziwayo ihlanganisa ukufakwa kwezicelo ezintsha, ukubheka inqubekela phambili ezicelweni ezindala, ukubheka izicelo esezafakwa ezinobugebengu nokunye.

Emcimbini wokwethula ngokomthetho le ngqalasizinda bekukhona phakathi kwabanye uMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda neMeya yeTheku uKhansela Zandile Gumede.

UKaunda uthe ukwethulwa kwamahhovisi kanye nomahamba nendlwana kuzoletha ushintsho olukhulu kwizisulu ikakhulukazi lezo ezihlala ezindaweni ezikude futhi kubuye kunciphise namathuba okuqolwa abammeli-mbumbulu abaziphilisa ngokuhlupheka kwabantu. Uhlalisele lolu phiko wathi luzolekelela kakhulu ikakhulukazi leyo miphakathi engakwazi ukuthi izifikele mathupha esikhungweni.

"Le moto izosiza uma lowo ofake isicelo engakwazi ukulanda imininingwane ezikhungweni ezifana nasesiteshini samaphoyisa noma esibhedlela njengoba izohamba ize ifike khona.

Lokhu kuzolekelela ekutheni nalabo abaswele izimali zokuya kulezi zikhungo bakwazi ukuthola usizo," kuchaza uKaunda.

"Balinganiselwa ku-14 000 abantu abafa unyaka umunye ngenxa yezingozi zezingozi bese iba ngu-R30 billion imali ephuma ka-RAF ukukhokhela lezi zicelo ngonyaka nokuyimali engenza omkhulu umehluko uma nje kuthiwa akukho zingozi ezenzekayo," kuchaza uKaunda.

UMeya uGumede uwuthakasele lo mcimbi wathi la mahhovisi nale moto kuzosiza kakhulu ikakhulukazi kulabo bantu abangakwazi ukuthi bazoluthola kuphi usizo.

"Kuzobuye kulekelele uHulumeni empini yakhe yokulwa nezigameko zenkohlakalo eziyinkinga enkulu ezenzeka ebantwini bakithi abasuke bedidekile ngesikhathi zenzeka.

Ukufinyelela kulezi zikhungo futhi



*UMnu Mxolisi Kaunda ophathiswe ezokuThutha neMeya yoMkhandlu weTheku uKhansela uZandile Gumede bevula ngokusemthethweni isikhungo esisha sakwa-RAF eThekwini e-Embassy Building.* **Isithombe: MBUYISELO NDLOVU**

kuzoba lula manje njengoba sekunemoto ehamba ize ifike lapho izisulu zikhona," kusho uGumede.

Ube esebalula ukuthi njengoba izingozi zingaka uMkhandlu weTheku ulwa ngokusemandleni nesihlava ukuze ekugcineni izimali ezichitheka kulolu hlelo zisebenzele ukufukula imiphakathi entulayo.

UMphathiswa uKaunda uphethe ngokuthi kweminye imizamo yokunqanda izingozi emigwaqeni uMnyango ususungule ithimba lonjiniyela elizoqapha izimo zomgwaqo ukuze kugwemeke izingozi wabuye wagcizelela ukuthi uhlelo lokubalwa kwamaphuzu (point system) selusemome ukuthi luqale.

STHEMBISO SHANGASE

# UNGQONGQOSHE UFISA KUNGAKHETHWA IPHELA EMASINI UMA KUSHICILELWA UMLANDO




Isithombe: LUNGILE CHILI

UNgqongqoshe Wezobuciko Namasiko KwaZulu-Natal uNkk Bongiwe Sithole-Moloi uthi makungaqoqwa kushicilelwe umlando omuhle noma owabathize kuphela kodwa makuxoxwe indaba injengoba injalo.

UMaSithole-Moloi ukusho lokhu evula ngokusemthethweni isigcina magugu esakhelwe emlandweni wokufika kwamaNdiya kulelizwe in 1860 Heritage Centre eThekwini.

Lesikhungo sixoxa kakhulu ngeqhaza elabanjwa amaNdiya ayekade elandelwe ukuzoba yizimba-mgodi zezinkinsela emasimini omoba agudle ugu lwasempumalanga yalesifundazwe.

OkaSithole-Moloi uthi amaNdiya awagcinanga nje ngokubamba iqhaza ekwakheni lelizwe kodwa aphinda aba neqhaza eliqavile ekwakheni umnotho adlula lapho azabalazela inkululeko ngokufanayo nabantu abansundu abawumsinsi wokuzimilela kuleli.

Uqhube wathi izinhlangano ezifana no-Indian Congress no Colored Congress zabona ngaso linye nenhlangano yabamnyama ukuthi kusetshenzwe ndawonye ngoba vele njengoba nesiqubulo sikaHulumeni wamanje sisho ukuthi sindawonye singenza okungini nasemzabalazweni kunjalo."Umlando uvamise ukuthi uxoxwe ngendlela evuna loyo owuxoxayo noma osemandleni, kanti lokho kusuke kungesewona umlando oqondile, umlando wangempela uxoxwa kuvele namaphutha enziwa yilabo okuxoxwa ngabo, lokho kuyasiza ukuze abawufundayo bakwazi ukugwema ukwenza amaphutha afanayo bese kuvikeka umlando omubi ungabe usaziphinda" kusho uNgqongqoshe.

Phakathi kwabebehambele lomcimbi wokuvulwa ngokusemthethweni kwalesikhungo kubala nenxusa lase Ndiya elizinze eThekwini uDkt Shashank Vikram.

UNgqongqoshe uSithole-Moloi usivule ngokusemthethweni lesikhungo maqede wazungeza wayiguduza yonke lendawo ebuka ukuxoxwa komlando waze waphakamisa nokuthi abaphathi baso bangahambeli kude ne Music House KZN esisegcekeni elilodwa nayo i1860 Heritage Centre ngoba omunye umlando uxoxwa futhi ugcineke kalula ngengoma.

UNgqongqoshe uphinde waphonsela inselelo lesisikhungo esithola uxhaso emnyangweni wakhe ukuthi sizame ukuheha abantu abasha ukuze beze kuso bayeke ukugxila komakhalekhukhwini nakwezinye izinto zobuchwepheshe okuhambeka kalula nabo.

U Dkt Vikram uthe igcagcele esokeni impela ngokuthi lesikhungo sakhiwe eThekwini ngoba yilapho abomdabu waseNdiya bebaningi khona futhi yilapho bafikela khona ngeminyaka yo 1860 nokusho ukuthi umlando wabo muningi lana.

Uveze nokuthi amaNdiya ahlukunyezwa kakhulu esebenza ezibomeni ehlahla umoba maqede ancishwe ukudla ngesinye isikhathi engaholi kodwa akwazi ukuthi akhe ikusasa eliqhakazile labantwana bawo.

Usihlalo we 1860 Heritage Centre uMnuz Krish Gokool uthe ukwakha nokuhleleka kwalesigcina magugu kusaqhubeka kodwa kukhulu osekwenziwe futhi asixoxi ngomlando wamaNdiya kuphela kodwa wonke abantu ababecindezelwe njengoba kukhona nengxenye ekhuluma ngesishoshovu somzabalo u OR Tambo, uTata uNelson Mandela, Albert Luthuli, Monty Naiker nabanye.

# UNgqongqoshe uthi kuqala ngozigqaja ngobuwena ukuze ukwazi okuhlalisana nabanye






Izithombe: LUNGILE CHILI

STHEMBISO SHANGASE

UNgqongqoshe Wezobuciko Namasiko KwaZulu-Natali uNkk Bongiwe Sithole-Moloi uthi ukuzigqaja ngobuwena uqobo yiko okuyisisekelo sokwamukela abanye abantu abangelona uhlanga noma ubulili bakho. uMaSithole-Moloi ubethula ingqikithi yengqungquthela yokunkankanya izindlela zokutshala umoya wozwano ebantwini (Social Cohesion Summit). Lengqungquthela ensukumbili ibibanjwe KwaMashu ngasekuqaleni kwenyanga ephezulu uJuni.

Udaba lwezomnotho osezandleni zengcosana nokuntula umhlaba kwabohlanga lwabansundu kubukwe njengesinye sezilonda ezingavumi ukuphola phakathi koNdlebezikhanyilanga, Abansundu namaNdiya.

UNgqongqoshe uthi abanye abantu abansundu banamahloni ngokuthi bangobani kangangokuba ngisho beqanjwe kahle amagama esintu emakubo kodwa bathi uma sebephumela emphakathini bawaguqule amagama nezibongo abe saziteketiso ezibizeka kalula kulabo abangaluncelanga ebeleni ulwimi lwesintu.

"Lokhu kubonakala kakhulu lapho umuntu oqanjwe kubo ukuthi unguSandile Buthelezi, aziguqule azibize ngo Sandy Bee ukuze kuzwakale sasilungu" ungqongqoshe enza isibonelo.

UNgqongqoshe uthi kusafanele kuvuselelwe ukuzithanda kuma-Afrika, angazenyezi njengoba abanye besifazane abansundu baze baxhume izinwele zabo zomdabu ngezinde zabezizwe bazikalabhe ngemithi eguqula ibala lesikhumba ukuze babukeke bempofu njengabo ondlebe zikhanya ilanga.

Uphinde wasola ukuxega kwesisekelo sesakhiwo somndeni ngokuthi umuntu okhula ewumhlambi kazelusile nomuntu okhule engenabo abazali ndawonye maningi amathuba okuthi uma esehlangana nomphakathi aveze ukugcwaneka okudalwa ukuthi akazi ukuthi umuntu uziphatha kanjani nokuthi uthandwa kanjani omunye umuntu.

Nodaba lwabantu abadlala ngamanga ayingozi axova isizwe luvelile ukuthi abantu bavele baqambe amanga bathi sekukhona izigilamkhuba ezibulala abantu bese abanye abantu bayithathe njengeqiniso leyonto bese beqala behlasela abantu abathize ikakhulukazi labo abadabuka ngaphandle kwemingcele yeNingizimu Afrika.

UMaSithole-Moloi wenze isibonelo ngaye uqobo ukuthi uzalwa yintombi yeBhaca eyagana umuntu onguMzulu kwase kuthi uma esekhulile yena uMaSithole wayogana ebeSuthwini.

"Yabona nje mina ngikhuliswe ngesiZulu kodwa njengoba sengigane kwaMoloi eBesuthwini, akusafanele ngiphoqe ukuthi kugcinwe IsiZulu ngoba ngiyazi ukuthi ngaphuma ekhaya ngayogana", kuchaza yena belu uNgqongqoshe.

Ubuye watusa nenyuvesi yaseZululand uNgoye ngokukhipha abantu abafunde bagogoda iziqu zobudokotela (ama-PhD) bebhala ngesiZulu phaqa.

Uthi okwenziwe uNgoye kulonyaka kufakazela khona belu ukuthi seziyabuya emasisweni akusaphoqi ukuthi ukuze kubonakale ukuthi uyajula uma ucabanga kuthiwe bhala ngesilungu kuphela.

Ube esecela ukuthi nezinye izikhungo zithathisele kulesinyathelo sasoNgoye waveza nokuthi ngisho ukudla kwamazwe amaningi aseAfrika eseningizimu njengophuthu kuyefana nokwalapha nokufakazedla ukuthi siyinto eyodwa.

Umnyango Wezobuciko Namasiko KwaZulu-Natal ububambisene nehhovisi likaNdunankulu UMnuz Willies Mchunu ekuhleleni lengqungquthela.

SIYABONGA SIGWEBELA

## UMnu RAVI PILLAY



UNGQONGQOSHE WEZEMISEBENZI YOMPHAKATHI KWAZULU-NATAL

# Izinyembezi zenjabulo kuthulwa umklamo wezindlu zasoFafa ngaphansi kuMasipala uBuhlebezwe

"Ngiswele imilomo yokubonga ku hulumeni" lawa ngamazwi ashiwo ngu Nkk Qhamkile Mbhele ngesikhathi ethatha okhiye bomuzi wakhe. Bekuphume nesinedolo endaweni yase Sgedleni kwisigceme sesithathu (Ward 3) ngaphansi kwamasipala wase Buhlebezwe kuzothulwa ngokusemthethweni imiklamo yezindlu ngu Ngqongqoshe uRavigaseni Pillay ehambisana nemeya yase Buhlebezwe uKhansela uZamo Nxumalo.

Lomklamo uzohlomulisa abantu abalinganiselwa kwinkulungwane (1000), kodwa okwamanje kwakhiwa izindlu ezingamakhulu amahlanu (500) ozodla imali elinganiselwa ku R55 889 605.00.

Sesizonke izindlu zizoba yinkulungwane (1000) kanti izodla imali elinganiselwa ku R110 million. Sekuqaliwe ukwakha ngoba indlu eyisibonakaliso (show house) yethuliwe kumnikazi wayo uNkk Qhamkile Mbhele (45).

Umklamo uqale ngo Nhlolanja walonyaka kanti uzothatha iminyaka emibili kulindeleke ukuba uphele ngo Ndasa 2019.

Uhlukile lomklamo kwabanye ngoba uzoba nethangi lamanzi, izoxhunywa izintambo zagesi isakhiwa, kanti futhi izoba no silingi (ceiling board).

Ewuthula ngokusemthethweni umklamo u Ngqongqoshe Pillay unikezele ngendlu ku Nkk Qhamkile Mbhele okunguyena umuntu wokuqala ukuhlomula kulomklamo. Injabulo ibibhalwe ebusweni ngenkathi uNkk Qhamukile Mbhele amukela izikhiye zomuzi wakhe.

Izakhamuzi ezingomakhelwane zakulendawo zimangele ngenxa yobuhle bomuzi oyisibonakaliso, bathi nabo bafuna ezifana ncamashi nale abayibonile.

"Kuyasijabulisa singuMnyango wezokuHlaliswa kwaBantu kuHulumeni wesiFundazwe ukuthi ekugcineni amaphupho nezifiso zomphakathi wasoFafa asefezekile njengoba sizokwethula lomklamo wezindlu. SinguHulumeni siyabonga ukuthi abantu basoFafa bakwazile ukusibekezelela ngenkathi sisahlela ukuba khona kwalomklamo," kusho uNgqongqoshe uPillay.

Nentsha yalendawo ngeke isale ngaphandle ngoba kuzokhethwa abangamashumi amathathu (30) abazoqeqeshelwa amakhono ahlukene emikhakheni yezokwakha. Ababe nenhlanhla yokukhethwa bazoqeqeshelwa ukubeka istina (bricklaying), ukuplastela (plastering) kanye nokupenda (painting). Ngesikhathi besaqeqeshwa bazothola imali elinganiselwa ku R1000.

Lemali izobasiza ekugibeleni kanye nezinye izidingo.

Uma sebephothulile ukufunda bazothola izitifiketi NQF Level 2 abazokwazi ukuzisebenzisa ukuvula amabhizinisi abo noma bathole imisebenzi. Akuwona lomklamo kuphela umnyango owenzayo kumasipala wase Buhlebezwe.

Eminye imiklamo isemazingeni ahlukene okwakhiwa ngaphansi kwalo masipala kubalwa owakwaThathani, iBhobhobho kanye no Umfulomubi futhi kuneminye imiklamo esahlelwa.

Eminyakeni emibili ezayo kuze kube ngu 2019 umnyango wezokuhlaliswa kwabantu uhlele ukwakha amathuba ayisigidi (one million) kubantu abadinga izindlu ezindaweni zasemakhaya kanye nasemadolobheni nawo umasipala wase Buhlebezwe uyingxenye yalamathuba azovela.

> *"Uhlukile lomklamo kwabanye ngoba uzoba nethangi lamanzi, izoxhunywa izintambo zagesi isakhiwa, kanti futhi izoba no silingi (ceiling board)."*

> "Kuyasijabulisa singuMnyango wezokuHlaliswa kwaBantu kuHulumeni wesiFundazwe ukuthi ekugcineni amaphupho nezifiso zomphakathi wasoFafa asefezekile njengoba sizokwethula lomklamo wezindlu.



*Zizobukeka kanje izindlu zase Sgedleni oFafa ngaphansi kwamasipala wase Buhlebezwe*




*UNkk Qhamkile Mbhele emukela ukhiye womuzi wakhe ku Ngqongqoshe Pillay. UNkk Mbhele ube ngowokuqala ukuhlomula kulomklamu*



# UMnu THEMBA MTHEMBU

UNGQONGQOSHE WEZOLIMO NOKUTHUTHUKISWA KWEMIPHAKATHI YASEMAKHAYA KWAZULU-NATAL



# UMnyango wezoLimo ukhuthaza abafuyi ukuba benakekele imfuyo ukuze benze inzuzo eningi

**LONDIWE NGIDI**

Kusemqoka ukuthi umfuyi aqiniseke ukuthi imfuyo yakhe isesimeni esihle ngokwempilo ukuze akwazi ukwenza inzuzo enhle ngayo.

Lokhu kungumlayezo ovela kungqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natal, uMnuz uThemba Mthembu awubhekise kubafuyi esifundazweni.

Umhloniswa uMthembu uthe ukugcina imfuyo iphile kahle kwenza umlimi ohweba ngemfuyo akwazi ukwenza imali eningi futhi kube lula ukuthi idayiseke.

Nakulabo abayisebenzisela ukufeza izinhloso zabo ngokwamasiko esintu, uthe lokhu kuyasiza nasekutheni bengagcini sebetheleleka ngezifo ezithile njengoba ethe ucwaningo luyakuveza ukuthi ezinye izifo ziyakwazi ukusuka enyameni zedlulele kulowo oyidlayo.

UMvelase ukhuthaze ukuthi abalimi besondelane nabeluleki bezolimo ngoba bona baqeqeshelwe ukusiza bona abalimi. "Abeluleki bethu sibaqashele khona ukuthi banilekelele lapho nidinga usizo emfuyweni nasezitshalweni," kusho uMthembu.

Uthe umfuyi kufanele asheshe asukume uma kukhona okushaya amanzi emfuyweni yakhe ukuze isheshe ithole ukunyangwa njengoba ethe ezinye zezifo uma sezihlale isikhathi eside egazini, ayibe isazwela imishanguzo okwephetha ngokuthi igcine ngokufa. Ubuye waveza nokuthi uMnyango wakhe unemitholampilo engomahamba-nendlwana eshabalele kuso sonke isifundazwe kanti futhi kukhona nodokotela bazo izilwane abazi ukusuka nokuhlala ngazo.

"Bakwethu eMnyangweni sinodokotela abanohlonze, baqeqeshelwe lomsebenzi futhi bayakwazi nokuhlonza ukuthi imfuyo yakho iphethwe yini ngokubheka izimpawu zaleso sifo. Siphinde sibe nemitholampilo yezilwane engomahamba-nendlwana esiyitshale esifundazwe sonke. Ngiyakhuthaza-ke ukuthi abantu bakithi bazisebenzise lezinsiza ngoba zibekelwe bona.

Akukuhle uma sebekhala ngokubhujelwa yimfuyo kanti yinto ebingalungiseka kalula," kusho uMthembu.

Wengeze ngokuthi ezinye izifo ziyathethelana, uma imfuyo ingatholi ukunakekelwa okusezingeni, lokho kungadala ukuthi umhlambi wonke uthelelek ngaleso sifo. UNgqongqoshe uthe ukunganakekelwa kwemfuyo kwandisa izindleko zomlimi kanjalo nezoMnyango ngoba kugcina sekwelashwa umhlambi wonke kanti ngumlimi ongasheshanga ukusukuma uma kukhona akusolayo.

"Izindleko-ke ezingenasidingo azifuneki. Kungcono singene ezindlekweni ngesimo esingakwazi ukusilawula njengesomiso ngoba ngumdali kuphela okwazi ukusilawula.

Izindleko ezingenasidingo sidalwa ukungasukumi kusenesikhathi uma umuntu ebona ukuthi kukhona okunuka santungwana kugcine sekutheleleka nemihlambi yabanye abantu," kwengeza uMthembu.

UNgqongqoshe uthe uma imfuyo ingaphilile ivame ukusheshe ibonakale ngoba imfuyo ephile kahle idla ukudla ngesikali esifanele, iyanyakaza emini ihambe ifuna ukudla, amanzi nompheme.

Uthe ngokocwanongo losolwazi bezemfuyo, ihamba nezinye ayihambi yodwa, ayimi yodwa, ayihambi ixhuga, ayikhihlizi amagwebu noma ihambe iphefumulela phezulu kanti futhi iba namehlo ahlanzekile amhlophe akhanyayo.




*Umtholampilo wezilwane woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya oxhaswe ngokaZwelonke wezoLimo, amaHlathi nokuDoba osoLundi.*
***Isithombe:* MBUYISELO NDLOVU.**

# UMnyango usuqale umkhankaso wokulwa nokubheduka kwamarabi esiFundanzweni

**SINDY MLOTSHWA**

UMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya kwaZulu-Natal uthi uzobathathela izinyathelo abantu abanezilwane abangazinakekeli futhi bengazigomeli amarabi.

Lokhu kushiwo ngungqongqoshe waloMnyango uMnuz uThemba Mthembu emkhankasweni abebenawo eTshelimnyama entshonalanga yeTheku, lapho kuqaliswe khona uhlelo lokunakekelwa kwezimpilo zezilwane nokuzigomela amarabi.

UMnyango ukhethe ukuyoqalisa lomkhankaso kulendawo ngenhloso yokukhombisa nokuzwakalisa ukuzwelana nomndeni kanye nomphakathi walendawo njengoba kuvela ukuthi esikhathini esingaphambilini kuke kwaba nesigameko lapho kwedlula emhlabeni umuntu wakulendawo ngenxa yokulunywa yinja okwatholakala ukuthi yayinamarabi. Isibalo esiphezulu sezinja eziwuvanzi ekubeni indawo yaseTshelimnyama incane kungezinye zezinto eziholele ekutheni uMnyango uluqale kulendawo loluhlelo lokulwa namarabi.

UNgqongqoshe uMthembu ubehambisana nethimba lodokotela bezilwane njengoba beqale ngokugoma izinja ezikhona emphakathini walendawo. "Lesi sigameko esibi kangaka esenzeka kulendawo nesaholela ekutheni kushone umuntu nokuyisona esenze ukuba lomkhankaso sizowuqala kulendawo, sikhombisa ukubaluleka kokuthi abantu banakekele izinja zabo ngoba ziyingxenye yempilo yethu.

Kubalulekile-ke futhi nokuthi baphinde bezigome ngoba ziba yingozi emphakathini," kusho ungqongqoshe uMthembu.

Eqhubeka nenkulumo yakhe abeyibhekise emphakathini wakulendawo, uMvelase uthe bazowotha ubomvu labo abahlala namakati okanye izinja bengazigomelile emarabi.

UMthembu uthe umuntu owenza njalo uyokwethweswa icala elibomvu ngoba lezi zilwane ziphendula ingozi uma sezinawo. "Kuhle ukuthi ngixwayise kubantu bonke abafuye izinja namakati ukuthi umuntu oyotholakala efuye lezi zilwane kodwa engazigomile, uzoba necala ngoba uma sezimanarabi ziphenduka izimpisi ebantwini nokungahle kuholele ekutheni lowo esiyomlimaza edlule emhlabeni okanye ephile ngemishanguzo yamarabi.

Lowo muntu-ke uyoba necala ngoba uyobe ephazamisa ukusebenza koMnyango ekulweni nalesi sifo" kwenaba uMthembu.

UNgqongqoshe ubuye wavakashela umama owalunywa yinja enamarabi nokumanje udla imishanguzo yawo. UNksz uNobuhle Mazibuko (45) uthe lemalasi yamhlasela esendleleni elibangise emhlanganweni yabe seyimluma izitho zombili.

"Ngaba neshwa nje engingalazi nami ukuthi ngizihambela ngiya emhlanganweni bese kuqhamuka inja ngingazelele. Yangiluma izitho zombili ngagcina ngokungaphumeleli emhlanganweni ngenxa yokulimala kanzima. Ngaphuthuma emtholampilo ukuyofuna usizo nokho bangijova ukuze kuthi abarabi engadluleli kimi. Nakuba amanxeba eya ngokuphola kodwa kubuye kuqale phansi kube buhlungu kakhulu ngibuyele esibhedlela ukuyojova," kuchaza



*UNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali, uMnuz uThemba Mthembu kanye dokotela wezilwane uDkt uCameron Kutwana ovela kuwo uMnyango begoma izinja eTshelimnyama*
***Isithombe:* THEMBA MNTYALI**

uNksz uMazibuko. Uqhube ngokuthi kubalulekile ukuthi umuntu abophe inja yakhe aqinisekise nokuthi ubiye ngokwanele egcekeni ukuze zingabi luvanzi emgwaqeni ngoba ezinye izinja umuntu zimluma engenze lutho ezihambela nje.

Ongudokotela wezilwane eMnyangweni, uDkt uCameron Kutwana uthe njengoba loluhlelo seluqalile luzozungeza isifundazwe sonke njengoba ekuqinisekisile ukuthi imitholampilo yezilwane engomahamba-nendlwana sebesabalele nesifundazwe sonke ngenhloso yokuphuthumisa loluhlelo lokugonywa kwezinja namakati. UDkt uKutwana ubuye wanxusa ukuba imiphakathi ibambisane nabo njengoba ethe ezinye zezingqinamba abahlangabezana nazo emiphakathini wukuthi abanye abantu abakuboni ukubaluleka kokugoma lezi zilwane.

# UMthembu ugqugquzela intsha yaKwaZulu-Natal kwezolimo

PHUMZANI NDLANGAMANDLA

UNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natal umhlonishwa uThemba Mthembu uthe sikhulu isidingo sokudoba intsha ukuba ingene emkhakheni wezolimo. UMthembu ubekhuluma nabeMtubatuba Mini Farm, abase Kolishi lezoLimo lase Cedara, abaseKolishi lezoLimo i-Owen Sithole, abeNyuvesi yakwaZulu-Natal, yiWeston Agricultural College, Ferrero Bonsmaras, Silvasands Farm kanye nabase Hoër Landbouskool Vryheid eRoyal Show eMgungundlovu ngesikhathi kunombukiso nomqhudelwano wezinkomo eziqeqeshiwe. "Ikusasa lezolimo esifundazweni libukela liqhakazile njengoba lokhu esikubona lapha namhlanje kukhombisa ukuthi izinhlelo zethu esinazo eMnyangweni zithela izithelo.

Ukubona intsha ithenjwa zinkomo ngalolu hlobo, kusho ukuthi sebeqeqeshekile ekuphathweni nasekunakekelweni kwemfuyo.

Kubalulekile-ke futhi nokuthi sibakhuthaze ukuba bezibandakanye kwezolimo ukuze lomkhakha ungafadalali kusasa," kusho ungqongqoshe uMthembu. Amajaji okungu Mnuz uMalcolm Moodie ongusihlalo we- South African Fat Stock Association, nozakwabo uMnuz uDouglas Fletcher, bathwale kanzima ekuthatheni isinqumo ukuthi yiliphi ithimba elidlе umhlanganiso kulomgqudelwano.



*UZinhle Sithole weMtubatuba Mini Farm ngesikhathi amukela indondo ye JR Brewitt Floating kanye ne Royal Show Medallion kuMnuz uMalcolm Moodie (ophakathi) ongusihlalo we SA Fat Stock Association kanye nongqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali, uMnuz uThemba Mthembu (kwesokudla).*
***Isithombe: SITHUNYELWE***

Nakuba kunjalo, abeMtubatuba Mini Farm abahambe ibanga elinde besuka eMkhanyakude enyakatho yesifundazwe bezokhombisa okokuqala ngqa ngezinkomo zabo zohlobo lwe Bonsmara ngoxhaso lwe-Ferrero Bonsmaras yase Ntabazwe baphume phambili.

UNksz uZinhle Sithole obemele abeMtubatuba Mini Farm, wamukele indondo ye JR Brewitt Floating kanye ne Royal Show Medallion kungqongqoshe uMvelase. I-Hoër Landbouskool Vryheid nayo ebikhombisa ngama Bonsmara iphume isibili.

Imiphumela ibimi kanje: I-Halter Trained Steers ezinkomeni ezingaphansi kuka 350kg isisindo, ithathwe ngabe Mtubatuba Mini Farm, i-Owen Sithole College of Agriculture yaphuma isibili kwathi i-Cedara College of Agriculture yalala isithathu.

Kweziphakathi kuka 350kg no 399kg, iMtubatuba Mini Farm iphume phambili, kwathi i-Owen Sithole College of Agriculture yaphuma isibili yaphinde yaphuma isithathu kulomkhakha.

Phakathi kuka 400kg no 449kg, abeMtubatuba Mini Farm bakuphindile lokho belanywa yiHoër Landbouskool Vryheid kwathi indawo yesithathu yaphinde yathathwa ngabeMtubatuba Mini Farm. Ezinesisindo esingaphezu kuka 450kg, yiHoër Landbouskool Vryheid ebahole phambili yabuye yathatha isibili nokuthe indawo yesithathu yathathwa yiNyuvesi yaKwaZulu-Natal. Kowe-Unhalter Trained Steers kwezinesisindo esingaphansi kuka 350kg, i-Weston Agricultural College iqophe umlando ngokuphuma phambili, ilale isibili iphinde iphume isithathu emkhakheni ofanayo.

Phakathi kuka 350kg no 399kg, i-Ferrero Bonsmaras idle umhlanganiso yelanywa yi Silvasands Farm kwathi uMtubatuba Mini Farm wayibamba emsileni. Ezinesisindo esiphakathi kuka 400kg no 449kg, i-Ferrero Bonsmaras nayo yenze ezibukwayo iphuma phambili, ilala isibili iphinde iphuma isithathu kulomkhakha. Kwezingaphezu kuka 450kg, nakhona i-Ferrero Bonsmaras iphinde yahamba phambili yabuye yalala isibili nesithathu.

UNgqongqoshe uMthembu uthe lemibukiso iyalekelela ekukhuthazeni abanye abalimi ekunakekelweni kwemfuyo kanti futhi yiyona ndela elula yokubakhangisa njengoba bekukhona izinkumbi zabantu abebezobuka zidlana imilala.

"Yithuba elihle kakhulu leli ukuba abafisa ukuthenga imfuyo yenu beyibone kahle njengoba kukhona abazoyithenga ukuze nabo beyofuya okanye beyise emadeleni ukuze kukhiqizwe inyama neminye imikhiqizo eyenziwa ngesikhumba," kuqhuba uMvelase.

# Sebekhiqiza namakhekhe kabhatata abalimi base Mpangeni

BRENDA MQWAMBI

Bakhombise amakhono angandile kwezolimo abalimi baseMpangeni esifundeni iKing Cetshwayo, enyakatho yesifundazwe saKwaZulu-Natal. Lokhu kugqame ngesikhathi kunombungazo wosuku lwabalimi obuseNgwelezane nalapho abalimi bethole ithuba lokukhangisa ngemikhiqizo yabo enhlobonhlobo nokwakha ubudlelwano bokusebenzisana kwezolimo nakwezamabhizinisi.

Lomcimbi obuhanjelwe nangabaHoli boMdabu ubuhlelwe yihhovisi loMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali eliseMhlathuze ngenhloso yokuzodingida izindlela ezingalekelela abalimi nabafuyi ngokuthi bethuthuke nokubacobelela ngolwazi abaludingayo.

Umphathi wehhovisi lezoLimo lase Mhlathuze, uMnuz uSipho Shandu uthe ungqongqoshe waloMnyango uMnuz uThemba Mthembu uyayikhuthaza imigubho efana nalena ukuze abalimi bekwazi ukuzocobelana ngolwazi bekhangise nemisebenzi yabo.

Uqhube wathi: "Izwekazi lase Africa linengcindezi enkulu ngoba isibalo sabantu siyanyuka lokhu kugcina sekushoda imikhiqizo yokudla.

Ukuvimbela lokhu kusezandleni zenu ngokuthi nilime ningakhathali.

UNgqongqoshe uthi umuzi nomuzi kanye nesikole ngasinye masibe nesivande ukuze kugwemeke ukushoda kokudla," kusho uShandu. Uchazele abalimi ngezinhlelo uMnyango onazo njengoba ubalekelela ngezimbewu, abeluleki, ukutshala, ukukhiqizwa kokudla, usizo emfuyweni kanye nokunakekela komhlaba abalima kuwona."Umnyango ufake u-R11 million kulomasipala ngenhloso yokunilekelela.

Ngalemali sizoqala iphrojekthi yamakhowe, umuzi nomuzi isivande, umuzi nomuzi ube nesihlahla sezithelo, kuzothengwa ogandaganda, kuxhaswe imizi entulayo ngezimbuzi ezingu 6 nokunye okuningi," kuchaza uShandu.

Kulomcibi kube nemibukiso etshengisa izindlela ezahlukene zokupheka ukudla kwesintu njengoba kukhonjiswe nangamakhekhe, iziphuzo ezikhandwa ngobhatata nokunye okuningi. UNksz uKhanyisile Mthabela ongumeluleki osiza omama abalima ubhatata, uthe ubhatata uwukudla okubukeleka phansi kanti ziningi izinto ongazenza. UNksz uHlengiwe Ngubane oqhamuka ophikweni lakwa Value Adding ugqugquzele abalimi ukuba bazimisele emisebenzini yabo futhi bangadikibali kulokho abakwenzayo ngoba ngelinye ilanga kuzobenza abalimi abahlonishwayo.

Abalimi bakulendawo banenhlanhla engandele bani njengoba benemakethe ethenga imikhiqizo yabo okuwuThungulu Fresh Produce oluthenga lemikhiqizo ngenhloso yokuphekela izingane kuzozonke izikole zakulo masipala.

UNksz uHlengiwe Ndlovu naye onguMeluleki wezoLimo uthe abalimi mababukele entuthwaneni.

"Kufanele nikhuthale ngoba izwe lonke libheke nina ukuba nilikhiqizele ukudla, ngaphandle kwenu izwe alinakho ukudla.

Lokhu-ke kusho ukuthi ninethuba elingaphezi lokuzenzela imali



*Abalimi baseMpangeni kanye nabeluleki bezoliymo bakuleya ndawo bangesikhathi kunomgubho wosuku lwabalimi eNgwelezane.*

ngokukhiqiza ukudla," kusho okaGatsheni. Uphinde wagqugquzela ukubaluleka kokudla kwesintu njengobhatata, ummbhila, amakhowe nokunye okuningi. "Yiyona ndlela elula nezokwenza ukuba abantu baphile isikhathi eside futhi bangangenywa kalula yizifo ngenxa yokuthi lokhu kudla kunemisoco eminingi kakhulu edingwa yimizimba yabantu," kuqhuba okaNdlovu. Uthe ukudla kwesintu kunempilo futhi kwehlisa izifo ezifana nesifo somdlavuza, ushukela, isifo senhliziyo kanye nezifo eziningi ezidala ukuba umuntu angabi nempilo enhle nende. Owesikhungo soCwaningo lwezoLimo saloMnyango, uNksz uLindiwe Khoza, uthe sebekhiqiza izimbewu zokudla kwesintu kakhulu. Wathi lokhu bakwenziswa wukuthi emva kocwaningo abalwenzile, bathole ukuthi ukudla kwesintu kuya ngokuya kushabalala. "Imiphumela yocwaningo lwethu iveze ukuthi ukudla kwesintu kuya ngokushabalala kanti khona kuqukethe izakhamzimba eziningi futhi kuyakwazi ukumelana nezimo zezulu ezehlukene. Sibe nombono-ke wokuthi kungcono ukuthi sigxile kakhulu ekukhiqizeni izimbewu zalolu hlobo lokudla," kwephetha uMkhathini.

**UMnu MXOLISI KAUNDA**

**UNGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL**



# Injabulo intsha bephothula uqeqesho lwe-EPWP eNanda

**NONHLANHLA NDWANDWE**

Kulethe ithemba emindenini eminingi yaseNanda, entulayo ngesikhathi intsha yakule ndawo engu-84 ithola izitifiketi zokuqeda uqeqesho yabuye yathola nolwazi engalusebenzisa nakwezinye izindawo.

Le ntsha esebenza ngaphansi kohlelo lwe-Expanded Public Works Programme (EPWP) nehlanganisa abesifazane, abesilisa nabakhubazekile abadabuka eNanda ithole leli thuba eliyingqayizivele lokuba yingxenye yokwakhiwa komgwaqo wendawo olungiswayo u-D1613.

Ngokombono kaHulumeni, uMnyango wezokuThutha wabona kungcono ukuthi kwandiswe amathuba emisebenzi ngokuthi kusetshenziswe abantu esikhundleni semishini uma kwakhiwa imigwaqo ukuze kusuke nekati eziko.

Ukuthola kwale ntsha zitifiketi kusho ukusintsha kwempilo emindenini yayo njengoba isizoqala ukusebenza kuwona lo mgwaqo wendawo, bese kuthi uma sekuphothuliwe ukusebenza kwawo bese isebenziza amakhono nolwazi aluthole kulo msebenzi kweminye imisebenzi abayithandayo.

Ikhansela lendawo uMnu Bonke Chili uthe ukuthakasele kakhulu ukuthi kube nohlelo lwalolu hlobo oluzoxosha ikati emindenini eminingi yendawo ngenxa yezimo ezinhlobonhlobo.

"Ukuthola intsha ezongena ngaphansi kwalolu hlelo sisebenzise ikomiti lendawo ukuthi likwazi ukuhlonza leyo mindeni ephethwe izingane ngenxa yokuthi kwashona abazali kanye naleyo mizi okungasebenzi muntu kuyona. Selokhu lolu hlelo lwaqala ukusebenza bangaphezu kuka-250 abantu bendawo yakule ndawo asebehlomulile," kusho uChili. Uthe okumhlaba umxhwele ukuthi lolu hlelo lwaqala kule ndawo yaseNanda futhi ingqophamlando eyenzeka ngalo ingesikhathi bevakashelwa uSekela Mongameli uMnu Cyril Ramaposa ngonyaka owedlule ezozibonela ngokwakhe ukuthi lusebenza kanjani.

"Sizishaya isifuba ngokuba abaqali bendlela bese kuthi abanye balandele ngokubukela kithina futhi nokuthi izimpilo zabantu bendawo zizoshintsha kakhulu.

Ngaphandle kokuthi ngalolu hlelo kuzohlomula intsha kodwa futhi nosomabhizinisi nabo bazohlomula ngokuthi bazobe bedayisela ukudla abantu abasebenzayo," kusho uChili. UNks Petronella Sithebe, obambe njengoMqondisi kwi-EPWP uthe njengoMnyango bayaziqhenya ngalolu hlelo lokunikeza intsha ithuba lokuthi kube khona into eyenzayo nokuthi bathole namakhono abangawasebenzisa nakwezinye izindawo ukuthola imisebenzi.

Uthe babheka kakhulu ezindaweni zasemakhaya ukuthi abantu banikwe ithuba lalolu hlobo ukuze kwehle izinga lobubha ikakhulukazi kuleyo mindeni entulayo.

USithebe ubuye wathi njengoba lolu hlelo lwaqala lapha eNanda ukuthi lusebenze bayajabula ukuthi nezinye izindawo zizobukela kule ndawo bese lusatshalaliswa nakhona. "Le misebenzi ekwezinye izindawo kubalwa umgwaqo iThemba oseMgungundlovu, oseHluhluwe, KwaDukuza nakwezinye izindawo. Njengoba le ntsha imukeliswa izitifiketi nje seyizoqala ukusebenza ku-D1613 kuthi uma isiphumile kungene elinye iqembu elingelokugcina ukungena ngaphansi kwalolu hlelo elizoqala ukuqeqeshwa maduze nje," kuchaza uSithebe.

Le ntsha iqeqeshwa isikhathi esiyizinsuku ezingu-22 ekilasini bese kuthi izinsuku ezingu-44 izichithe ngaphandle lapho kusetshenzwa khona, konke lokhu kwenzeka bebe behola.




*Ingxenye yabafundi baseNanda abaklonyeliswe ngezitifiketi zokuqeda uqeqesho manje sebekulungele ukuthi bayoqala ukusebenzela imindeni yabo.* ***Isithombe: ZINGISA HLATHI***

# UKaunda ukhuthaza ubambiswano ekulweni nokubulawa kwabesifazane

**NONHLANHLA NDWANDWE**

UMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda ube yingxenye yokuhlonipha okokugcina owesifazane otholakale ebulewe eMandeni ngemuva kokuba kade ehambele inkonzo yokuhlulekela ukuphela kwezingozi zomgwaqo nezinye izigameko ezihlukumeza imiphakathi.

Inkonzo yomgcwabo bekungekaNks Nozipho Sishi owatholakala ngemuva kwezinsuku ebulewe nokusolakala ukuthi waklinywa. Ngokwemibiko yamaphoyisa kuthiwa uSishi wadlula nebhasi lapho okwakumele ehle khona esitobhini sasekhaya kade ephuma enkonzweni yoMnyango wezokuThutha.

Kuthiwa wathola ucingo olwalumbizela endaweni ethile lapho okusolakala ukuthi senzeka khona isigameko sokubulawa kwakhe.

UKaunda wethembise ukuthi uzokwenza isiqinisekiso sokuthi bayabanjwa bajeze ababulale lona besifazane, wanxusa umphakathi ukuba ubambisane nezinhlaka zokugcinwa komthetho.

"Lesi sigameko sokubulawa kukadadewethu uNozipho sibalwa nezinye eziningi ezenzeka ezweni okuyizigameko esezisabalele okomlilo wequbula zokubulawa kwabantu besifazane," kusho uKaunda.

IMeya yaseMandeni uKhansela uSphesihle Zulu obeyingxenye yale nkonzo uqwashise izakhamizi ukuthi kumele ziqaphele ikakhulukazi abantu besifazane ukuthi kunezinto okungasaphephile ukuthi bazenze abebekade bezenza esikhathini esedlule njengoba izinto sezishintshile nje.

"Lezi zigameko zokubulawa kwabantu zihlanganisa ukubulawa kwabantu besifazane kwabantu omaqondana babo, amalunga emindeni yabo kanye nomphakathi ngokunjalo.

Okunye futhi okubuye kuphazamise amaphoyisa emsebenzini wawo wokuphenya ngalezi zigameko ngukwenziwa kwezinsolo ezenziwa imiphakathi kanti zingamanga adalwa ngukuthi kukhona ukungezwani phakathi kwabathile. Abantu abawuyeke lo mkhuba ngoba ingalo yomthetho izoqinisekisa ukuthi iyabalandela," kusho uZulu.

UKaunda uncome kakhulu uSishi ukuthi ube yiqhawe njengoba efe kade ezobamba iqhaza ekulweni nezigameko ezihlukumeza umphakathi wase ephenduka umhlatshelo walezi zigameko ngalo lolo suku lomkhuleko.

Ube esethi kuwumkhuba omubi okumele kuliwe nawo ukuthi zonke izigameko ezimbi zihlale zibandakanya abantu abamnyama.

"Angeke nje uzwe ukuthi izigameko ezimbi kubalwa abolunye uhlanga kodwa ngaso sonke isikhathi kuhlale kubalwa thina bendlu emnyama.

Ukusukela ezingozini zomgwaqo njalo zihlale zihlanganisa abantu abamnyama, ezigamekweni zobugebengu kubalwa thina namanje njengoba sihlangene lapha ngokubulawa kukaSishi nakho angeke uzwe kubalwa elinye ibala ngaphandle kwelethu," kusho uKaunda.

Ube esethi bewuHulumeni namabandla ahlukene kuhlanganisa nomphakathi banomsebenzi onzima okumele bawenze wokwakha isizwe ngokubambisana ukuze kugwemeke izigameko zalolu hlobo. Uthe lokhu kuzophumelela ngokuthi ilowo nalowo muntu abambe iqhaza ekukhulisweni kwengane ngisho ngabe akayizali ukuze ikhule ngaphansi kwezandla ezikahle bese yenza kahle uma isikhulile.



*UMnu Mxolisi Kaunda ekhuluma enkonzweni yomngcwabo wowesifazane otholakale ebulewe eMandeni.* ***Isithombe: ZINGISA HLATHI***



**SIHLE MLOTSHWA**



**UMnu MTHANDENI DLUNGWANE**

**UNGQONGQOSHE WEZEMFUNDO KWAZULU-NATAL**

# OWEZEMFUNDO UGQUGQUZELE UKUFUNDWA KWEZINCWADI EMTAPO HIGH SCHOOL

UMnyango weZemfundo KwaZulu-Natal ugqugquzele ukufundwa kwezincwadi (I Read A Thorn) e Mtapo High School, Kwisifunda I Pinetwon District, mhla zingu 08 ku June 2017.

Kulomcimbi oyingqayezivele, uMphathiswa weZemfundo KwaZulu-Natali, uMthandeni Dlungwana, ubemelwe u Dkt Ngogi Mahaye, oyi Head of Interventions ehhovisi lika Mphathiswa.

Eminyakeni embalwa edlule uMnyango weMfundo eyisiSekelo kuzwelonke wethule ngokusemthethweni umkhankaso ongqungquzela abafundi ukuthi bajwayele kakhulu ukufunda futhi basondelane nezincwadi iRead to Lead.

Lomkhankaso osatshalaliswe kuzo zonke izifundazwe ubambe elikhulu iqhaza ekungqungquzeleni abafundi ezikoleni zethu ukuthi bathuthukise izinga labo lokufunda kanye nendlela abafunda ngayo.

UMtapo High School ukhethwe ngoba ungezinye zezikole ezizimisele kakhulu ukugxilisa isiko lokufunda, nokufundwa kwezincwadi kubafundi,

"Siyakuthokozela lokhu okwenzeka kulesi sikole lapho khona abafundi beba nehora lonke lokufunda ekuseni.

Lokhu ke kusijabulisa kakhulu ngoba kusho ukuthi lesi sikole asigcinanga nje ngokulandela umyalelo woMnyango kodwa kwasona isikole siphinde sathatha elinye igxathu elibalulekile lokuthi sithathe lolu hlelo silubeke kwelinye izinga. Ngifisa ukukubeka kucace ukuthi loMnyango uzoqhubeka njalo nokuweseka lomkhankaso.

Empeleni kuyisifiso saMphathiswa uDlungwana ukubona izinga lokufunda lithuthuka kubafundi ezikoleni zethu," kubeka uDkt Mahaye.

UMahaye uthe akangabazi ukuthi ukuthi eminyakeni embalwa isikole uMtapo sizoqala sibone abantu abaningi abazobe sebevelele futhi bengongcweti bolimi ngenxa yalo mkhankaso wokuqinisekisa ukuthi abafundi bazinika isikhathi esilinganiselwa kwihora sokufunda. "Siyafisa sengathi nezinye izikole eziningi kulesi siFundazwe zingabukela kulesi sikole bese ziba nohlelo olufunze lolu," kubeka uDkt Mahaye, egqugquzela abafundi kanye nothisha.

"SinguMnyango wezeMfundo sikuqonda kahle ukubaluleka komsebenzi othisha ezikoleni zethu abawenzayo.

Siyazi futhi ukuthi umsebenzi wabo unzima kangakanani.

Kodwa, kuleli qophelo, ngifisa ukuthi ngichome uphaphe legwalagwala othisha bakulesi sikole ngokuthi phezu komsebenzi wabo baphinde babone kubalulekile ukuthi baphinde babeke omunye umsebenzi emahlombe abo wokuthi benze isiqiniseko sokuthi lolu hlelo luba impumelelo," kutusa uMahaye, ophinde wanxusa abazali ukuthi bazibandakanye ngokuphelele emfundweni yabantwana babo.

> *"Siyafisa sengathi nezinye izikole ezingi kulesi sifundazwe zingabukela kulesi sikole bese ziba nohlelo olufunze lolu"*



*UDkt Ngogi Mahaye ekhuluma nabafundi kuhlelo lwe* ***READ-A-THON*** *eMtapho High School eLindelani*



*Abafundi besikole Umtapo High School.*



*Abanye babafundi bethamele inkulumo ka Dkt Mahaye.* ***Izithombe: SIBONELO QWABE***



# Kuhlonishwe abasebenzi bomnyango wezempilo KwaZulu-Natal emcimbini wama Masea

**Umcimbi wakulonyaka ube nesasa elikhulu waheha abantu abaningi njengoba bebaningi abantu abangenelile ezigabeni ezahlukene.**

UMnyango wezeMpilo KwaZulu-Natal uzibophezele ukugcwalisa izikhala zemisebenzi emnyangweni ukwehlisa ingcindezi kubasebenzi abathwele kanzima ezikhungweni zawo. Lokhu kuvezwe Ungqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal, uDkt Sibongiseni Dhlomo ngesikhathi ethula inkulumo yakhe emcimbini wokuklonyeliswa kwabasebenzi bomnyango obizwa nge-MEC's Annual Service Excellence Awards (MASEA), obubanjelwe e-Inkosi Albert Luthuli International Convention Centre mhla zimbili kwephezulu. Lo mcimbi waminyaka yonke uhlonipha iqhaza labasebenzi ekuletheni izidingo zezempilo kubantu, lapho kubhekisiswa khona ukusebenza komuntu ngamunye bese kubhekwa nokusebenza ngamathimba ezigabeni ezahlukene zomsebenzi.

Kubhekisiswa iqhaza labahlengikazi, odokotela kanye nongoti emkhakheni wezeMpilo ngaphansi kwezimo abaye bahlangabeane nazo.

UNgqongqoshe wenze isibonelo ngokuzinikela kwabasebenzi wase ebalula uhambo lwakhe lwakamuva nje evakashele izikhungo zoMnyango wezeMpilo ngaphansi kwesifunda seTheku.

"Emasontweni amabili edlule ngivakashele imtholampilo emibili, e-Umlazi ngifice abahlengikazi egunjini lokuhlola iziguli ngo 11h00 bengakaze bathathe ikhefu letiye besebenza belokhu bephuza amanzi kuphela, besebenza ngokuzikhandla. Ngiphinde ngavakashela isibhedlela iMahatma Gandhi Memorial ngelinye ilanga ngafica abahlengikazi abathathu ewodini labesifazane bebhekene neziguli ezingamashumi ayisithupha nambili, bekhipha imishanguzo, bejova iziguli, besiza ngokunikeza iziguli ukudla babuye futhi basize ngokubamba izingcingo phezu komsebenzi wabo abawenzayo".

Impela ngiyavumaelana neNhloko yoMnyango kanjalo nabaphathi bonke bomnyango ukuthi kumele silungiswe lesi simo.

Kufanele sithole indlela yokugcwalisa izikhala zomsebenzi ezivulekile noma zikhona izinselelo esibhekene nazo. Siyabonga kakhulu ngeqhaza elibanjwa ngabahlengikazi ukuthuthukisa izimpilo zabantu," kusho uDkt Dhlomo. Inhloso enkulu yalo mcimbi ukuthi kwakhiwe uhlelo lwezeMPilo olusebenza kahle olubhekene ngqo nokulethwa kwezidingo kubantu, ikakhulukazi ukunakekela iziguli kanjalo nendlela eziphatheka ngayo ezikhungweni zezempilo.

Ukuklonyeliswa kwabasebenzi kubalulekile kumgomo womnyango wokugqugquzela abasebenzi bezempilo. Umcimbi wakulonyaka ube nesasa elikhulu waheha abantu abaningi njengoba bebaningi abantu abangenelile ezigabeni ezahlukene. Inhloko yoMnyango, uDkt Sifiso Mtshali ubonge kakhulu kubasebenzi abangenele lo mcimbi wokuklonyeliswa. "Abasebenzi bangumgogodla wanoma iyiphi inhlangano.

Ukuze sithole umphumela omuhle kwezeMpilo kanjalo nokuphumelelisa umgomo wethu kumele siqinisekise ukuthi siqasha abasebenzi abanamakhono kanye nabakwazi ukwenza umsebenzi.

Ngaphandle kwabasebenzi awukho uMnyango, njengoba namhlanje sigubha iqhaza abalibambile kuwona wonke amazinga abasebenza kuwona. Ngiyaziqhenya ukuba ngomunye wabazofakaza aphinde ahalalisele abasebenzi abazohlomula kuyona yonke imikhakha.

Lokhu kukhombisa ukuzibophezela kanjalo nentshisekelo yokuphumelela uma usebenza ngaphezu kwako konke ubunzima," kusho Udkt Mtshali.

Lo mcimbi wokuklonyeliswa ubusezingeni eliphezulu leli lakhaphethi obomvu, ingqehu ibidla umunyu, izihambeli zithokozele amanoni abaculi abahlukene abebenandisa bukhoma kanye nokudla okwehla esiphundu.

Kube injabulo yodwa ehholo njengoba bekuhalaliselwa abebethola izindondo. Phakathi kwezindondo eziwiniwe singabalula lezi:

KumaSpecial Awards uSister P Goge wase Shaka's Kraal Clinic, ngaphansi komkhandlu ILembe. Uklonyeliswe ngeqhaza alibamba ngokusheshe abone inkinga kumama owayezithwele, wabona ukuthi inhliziyo yengane ayishayi ngokujwayelekile. U-Dkt I Bhorat kanye nethimba lakhe eFoetal Unit esibhedlela Inkosi Albert Luthuli Central Hospital, uklonyeliswe ngokudonsa uketshezi kumama esazithwele.

Lokhu kwasindisa impilo yengane futhi uhlelo olungajwayelekile njengoba zingamashumi amabili kuphela izigameko ezifuze lezi emhlabeni wonkana kanti singesokuqala lapha eNingizimu Afrika. Dr H R Mackanjee kanye nethimba lakhe e-Inkosi Albert Luthuli Central Hospital ngeqhaza labo ekuhlukaniseni ngempumelelo amawele azalwa ehlangene. Mr. R MC Kenzie kanye no MR Dlamini bakwa EMS, abethimba lamaphoyisa W O Da Rosa no W O F Pretorious be-SAPS Search and Rescue, ngokuqhamuka nendlela ephephile yokutakula intombazanyana eyayibhajwe epayipini ku Mkhandlu Ugu. Isibhedlela iMahatma Gandhi Memorial ngokukwazi ukwehlisa izinga lokushona komama ababelethayo ngeminyaka 2014/15 kuya ku 2016/17.

Ziningi izindondo ezitholwe ngabasebenzi kulomkhakha nalapho kuye kwaphindwa kwaklonyeliswa abasebenzi abathola izindondo ngokusebenza kwabo kweminye imicimbi efuze le. UNgqongqoshe kanye neNhloko yoMnyango bahalalisele bonke abasebenzi abebe' ingxenye baphinde banxusa nabanye abasebenzi ukuthi nabo bangenele i-MASEA.



NGISEBENZA
NGOBUQOTHO
NOMA NGINGALUSIWE

SERVICE DELIVERY HOTLINE
0800 596 596